

IGREYIDI

12

MIND THE GAP!

IsiZulu Ulimi Lwasekhaya

Umdlalo

UBHUKU LWAMANQE

E. J. MHLANGA



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
MIND THE GAP- UBHUKU LWAMANQE
UBHUKU LWAMANQE

E. J. MHLANGA

MTG IsiZulu Grade 12 HL UMDLALO- ISBN 978-1-4315-3379-4



This content may not be sold or used for commercial purposes.

Curriculum and Assessment Policy Statement (CAPS) Grade 12 IsiZulu Home Language Mind the Gap study guide for the Poetry: *Uju Lwezinkondlo* by ZE Sithole and NA Mahaye.

This publication has a Creative Commons Attribution Noncommercial Sharealike Licence. You can use, modify, upload, download, and share content, but you must acknowledge the Department of Basic Education, the authors and contributors. If you make any changes to the content you must send the changes to the Department of Basic Education. This content may not be sold or used for commercial purposes. For more information about the terms of the license please see: <http://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/3.0/>.

Copyright © Department of Basic Education 2019
222 Struben Street, Pretoria, South Africa
Contact person: Ms C. Weston
Email: Weston.C@dbe.gov.za
Tel: (012) 357 4183
<http://www.education.gov.za> Call Centre: 0800202933

Acknowledgements

The extracts from the Poetry in this study guide are from *Uju Lwezinkondlo* by ZE Sithole and NA Mahaye.

Mind the Gap Team

Senior Project Leaders: Dr S. Malapile, Ms C Weston
Production co-ordinators:
B. Monyaki, B. Ras, M. Phonela, M. Nematangari
Authors: AM Mbuyisa, Z Mhlungu, K. Zuma, C. Zikhali, M. Mahlangu

Designer: Page82 Media
Onsite writers' workshop support:
J. Mphidi, V. Magelegeda, P. Hlabiwa, R. Maboye, N. Malope

Ministerial Foreword

The Department of Basic Education remains steadfastly committed to innovative strategies aimed at enhancing learner attainment. Consistent with the government's commitment in promoting the indigenous languages that form the tapestry of our democratic landscape, this Mind the Gap Self study guide is a concrete demonstration of this commitment.

The release of this self-study guide incorporates all the official African Home Languages focusing on the novel genre at this stage. Not only does the study guide incorporate the African languages, but it also incorporates South African Sign Language Home Language, Afrikaans Home Language and English First Additional Language.

The Mind the Gap Literature Self Study Guide is responding to the broader sectoral reading challenges that the country is experiencing. It seeks to strengthen the following strands of the National Reading Sector Plan: Teacher Development and Support; Direct Learner Support; and Provisioning and Utilisation of the Learning and Teaching Support Materials. Its interactive nature will make it easier for both teachers and learners to read, to learn or study. It is hoped that through this Study Guide, the reading and learning outcomes will be achieved.

Key terminologies are explained or illustrated in a simplified manner and examples of the types of questions as a learner you may expect to be asked in an examination, are included in this study guide. In order to build your understanding, specific questions and possible responses forms part of the study guide package.

The study guide is designed to appeal to any learner offering Grade 12, whether as a part-time or a full-time candidate. Educators in the field will also find it an invaluable resource in their practice.

Every learner is a national asset, all you need now is to put in the hours required to prepare for the examinations and excel!
We wish each and every one of you good luck and success.



MRS AM MOTSHEKGA, MP
MINISTER
DATE: 14 NOVEMBER 2019



Matsie Angelina Motshekga, MP
Minister of Basic Education

Sizwe sikaPhunga noMageba yamukela nawu umqulu esithi asiphonse ngawo itshe esivivaneni ukulekelela abafundi nabafundisi ukuze bakwazi ukuhluzisa imibhalo yobuciko kanye nokuphendula imibuzo yephepha lesibili ngendlela efanele. Siyakholwa ukuthilo mqulu uzonihlomisa bafundi nani bafundisi ngamasu okuhluzisa umbhalo wobuciko.

Isisezithebeni –ke!

AMAGAMA ABABHALI BALO MQULU-MIND THE GAP

1. Mrs Khethiwe Victoria Zuma
2. Dr Zandile Florence Mhlungu
3. Mrs Molly Mahlangu
4. Mrs Cebelihle Nondumiso Zikhali
5. Mr Anthony Mlindeli Mbuyisa
6. Mrs Busisiwe Ntombenhle Langa

OKUQUKETHWE

ISIHLOKO	ISIHLOKwana	IKHASI
ISANDULELA	<ul style="list-style-type: none"> • Mfundi webanga le – 12. • Indlela yokusebenzisa lo mqulu. • Amasu ozowasebenzisa ukuphendula imibuzo ngosuku lokuhlolwa. • Ukuhleleka kwePhepha lesi-2. • Okulindelwe abahloli bephepha kohlolwayo (Ukuhleleka kwemibuzo). • Amagama asetshenziswa emibuzweni yokuhlola. 	4
ISAHLUKO SOKU- 1 AMASU OBUCIKO	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuchazwa kwamasu obuciko 	11
ISAHLUKO SESI- 2 IQOQA LOMDLALO	<ul style="list-style-type: none"> • Umlando wombhali • umdlalo ngamafuphi • Incwadi ngamafuphi ngokwezinkundla nezigcawu 	19
ISAHLUKO SESI- 3 AMASU OBUCIKO KULO MDLALO	<ul style="list-style-type: none"> • Amasu okuhlaza njengoba esetshenzisiwe kulo mdlalo • Imisebenzi 	50
ISAHLUKO SESI- 4 IMIBUZO EMIDE	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlaziya umbuzo omude • Isibonelo sempendulo yombuzo omude • Imisebenzi • Irubhrikhi yokuhlola impendulo yombuzo omude. 	75
ISAHLUKO SESI- 5 IMIBUZO EMIFUSHANE	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlaziya umbuzo omfushane • Isibonelo sempendulo yombuzo omfushane • Imisebenzi. 	84

ISANDULELA

MFUNDI WEBANGA LE- 12

Mfundi webanga le-12, yamukela nanku umqulu ozowusebenzisa ukuqonda kangcono ikhono lokuhlaziya umdlalo kanye nendlela yokuphendula imibuzo ngesikhathi sokuhlolwa. Lo mqulu uzokucathulisa ngamasu okuphendula imibuzo emide kanye nemifushane ukuze uphumelele.



INDLELA YOKUSEBENZISA LO MQULU

Lo mqulu uzokusiza ekuphenduleni kangcono imibuzo eqondene nomdlalo. Ngakho-ke kubalulekile ukuba ungagcini nje ngokufunda lo mqulu kuphela, kodwa kumele uqale ngokufunda incwadi yonke ukuze uqonde kangcono lo mdlalo. Funda la maphuzu alandelayo ahlahlale indlela yokusebenzisa lo mqulu:

- Fundisisa amasu okuhlaza atholakala esahlukweni sokuqala.
- Funda umdlalo wakho kusuka enkundleni yokuqala, isigcawu sokuqala kuze kuyofika enkundleni yesine: isigcawu sesithupha.
- Funda isigcawu sencwadi ngasinye bese ufunda nokufingqwa kwaso kulo mqulu.
- Phendula imibuzo etholakala ekugcineni kwesigcawu osifundile.

- Fundisisa indlela okubuzwa ngayo imibuzo emide. Bheka nezibonelo ezitholakala esahlukweni sesi-4 salo mqulu.
- Emva kokubuka izibonelo zombuzo omude kulesi sahluko, phendula umbuzo otholakala ekugcineni kwaso.
- Fundisisa indlela okubuzwa ngayo imibuzo emfushane. Bheka nezibonelo ezitholakala esahlukweni sesi-5 salo mqulu.
- Emva kokubuka izibonelo zemibuzo emfushane kulesi sahluko, phendula imibuzo etholakala ekugcineni kwaso.

AMASU OZOWASEBENZISA UKUPHENDULA IMIBUZO NGOSUKU LOKUHLOLWA



1. Ngaphambi kokuphendula isiqephu B KANYE nesiqephu C ephepheni, fundisisa umbuzo wenoveli omude kanye nombuzo womdlalo omude.
2. Qhathanisa imibuzo esesiqeshini B KANYE no C ukuze ukhethe ongawuphendula kangcono kunomunye.
3. Fundisisa umbuzo owukhethile udwebele amagama awumongo wombuzo ukuze uphendule okulindelekile embuzweni.
4. Bhala amaphuzu angamalungiselelo azokulekelela ukuphendula kahle umbuzo owukhethile.
5. Hlela impendulo yakho ngale ndlela:
 - Isingeniso: -Chaza umbuzo usebenzisa amagama awumongo wombuzo.
 - Yamanisa amagama awumongo wombuzo nolwazi lwalo mdlalo.
 - Umzimba: -Phendula umbuzo wesekela ngolwazi olutholakala kulo mdlalo.
 - Hlela impendulo yakho ngokwezigaba ezinikezelanayo.
 - Isiphetho: -Songa impendulo ngokubhala uvo / umbono wakho uhambisane namaphuzu esingeniso kanye nomzimba.
6. Uma ukhethe umbuzo omfushane qikelela ukuthi uyasifundisisa isiqeshana noma iziqeshana ozinikeziwe.
7. Qikelela ukuthi impendulo yakho ihambisana nobungako bomklomelo osembuzweni.
8. Buyekeza izimpendulo zakho ukuqinisekisa ukuthi awekho amaphutha

UKUHLELEKA KWEPHEPHA LESI-2

ISIQEPHU A: IZINKONDLO			
Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.			
INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
Inkondlo emiselwe	Umbuzo omude	10	
Inkondlo emiselwe	Umbuzo omfushane	10	
Inkondlo emiselwe	Umbuzo omfushane	10	
Inkondlo emiselwe	Umbuzo omfushane	10	
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.			
Inkondlo eyimpoqo	Umbuzo omfushane	10	
ISIQEPHU B: INOVELI/ UBUCIKO BOMLOMO.			
INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.			
Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omude	25	
Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omfushane	25	
Inoveli Yesi - 2	Umbuzo omude		
Inoveli Yesi - 2	Umbuzo omfushane		
NOMA			
UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kulobu buciko bomlomo Obumiselwe			
Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omude	25	

Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omfushane	25	
ISIQEPHU C: UMDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.			
Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omude	25	
Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omfushane	25	
Umdlalo wesi - 2	Umbuzo omude	25	
Umdlalo wesi - 2	Umbuzo omfushane	25	
QAPHELA: Phendula umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.			

OKULINDELWE ABAHLOLI BEPHEPHA (UKUHLELEKA KWEMIBUZO)

Amazinga okuhleleka kwemibuzo

Kubalulekile ukuba mfundi uzicije ngendlela imibuzo ehleleke ngayo ephepheni. Lokhu kungakulekelela ukuba wazi ukuthi izindlela zokuphendula imibuzo azifani.

- Imibuzo yephepha ihleleke ngamazinga amathathu:
 - Imibuzo elula / esobala [40%]
 - Imibuzo ephakathi/ esendimeni [40%]
 - Imibuzo esezingeni eliphezulu [20%]
- Imibuzo elula / esobala yehlukene kabili: Kukhona le mibuzo engasekuqaleni lapho umfundi kumele athathe impendulo esiqeshini njengoba injalo **[literal question]**.
- ✓ Umbuzo oba sekuqaleni usuke udinga impendulo esesiqeshini njengoba injalo. Imvamisa kuye kubuzwe kubhekiswe esigabeni sokuqala noma sesibili. Okubuzwayo amasu obuciko atholakala esiqeshini okumele usifunde ngaphambi kokuphendula imibuzo.

- ✓ Ingxenye yesibili kule mibuzo elula, yilena okudingeka uhlanganise impendulo yakho. Imvamisa kumele impendulo yakho ungayibheki esigabeni esisodwa kuphela. Kumele uyibheke ezigabeni ezahlukene noma esiqeshini sisonke. **[Re-organizing]**.

QAPHELA:

Akuzona zonke izimpendulo zemibuzo elula ezitholakala esiqeshini.

Isiqephu singesokuchukuluza umqondo, izimpendulo zitholakala encwadini ngobubanzi bayo.

- Imibuzo ephakathi /esendimeni: Kulesi sigaba kumele usebenzise ulwazi lwakho lwempilo ukuphendula. Lapha akumele uthathe impendulo esiqeshini / encwadini kepha kumele usukele kokubuzwe esiqeshini bese usabalala nempendulo yakho. Kule ngxenye kumele usebenzise kakhulu ulwazi onalo kanye nokucabanga kwakho usebenzisa amasu obuciko. Qikelela ukuthi wethula impendulo ephusile eyeyame embuzweni nakuba usebenzisa ukucabanga kwakho **[Inference question]**.
- Imibuzo esezingeni eliphezulu yehlukene kabili:
 - ✓ Ingxenye yokuqala kulindeleke ukuba ukwazi ukuhlaziya noma uhlolisise indlela incwadi ebhaleke ngayo. Kubalulekile ukuba uqonde ukuba impendulo yakho ihambisana noMthethosisekelo, amagugu kanye nobuntu **[Evaluation]**
 - ✓ Ingxenye yesibili ivamise ukuba umbuzo osekugcineni. Lapha kumele uncome noma ugxeke indlela incwadi noma isu lobuciko elisetshenziswe ngayo. Kungabuye kudingeke ukuba uveze uvo lwakho. **(Appreciation)**

AMAGAMA ASETSHENZISWA EMIBUZWENI YOKUHLOLA

1. IMIBUZO ELULA (ESOBALA KANYE NEYOKULUNGISA NOKUHLELA KABUSHA) = 40%	
<p>Imibuzo esobala (Literal)-izinga loku-1 Le mibuzo idinga uthole ulwazi esiqeshini obusifunda ngakho-ke izimpendulo zayo zisesiqeshini.</p>	<p>Imibuzo yokulungisa nokuhlela kabusha (Re-organisation) izinga lesi-2 Le mibuzo idinga ukuthi uhlele kabusha. Izimpendulo zikhona esiqeshini kodwa kudinga ukuthi uzihlele kabusha.</p>
<p>Izibonelo zale mibuzo: Gagula izinto/ abantu /izindawo njl. Shono isizathu/Nikeza izizathu/ bona isizathu... Isiphi isizathu... Iyiphi imbangela/ nikeza imbangela.... Nika amagama... Gagula indawo...</p>	<p>Izibonelo zale mibuzo: Fingqa ngamaphuzu amabili.... Hlanganisa ndawonye okufanayo... Chaza kafushane... Nikeza okufanayo... Ikuphi okungumehluko... Nikeza okusamfanekiso....</p>
40%	

2. IMIBUZO EPHAKATHI NENDAWO (UKUCABANGELA) = 40%
<p>Ukucabangela (Inference) – Izinga lesi-3</p> <p>Isibonelo semibuzo Qaphela: Imibuzo ekhethisayo ingena ngaphansi kwalolu hlobo lwembuzo. Chazaimbangela... Chazaumphumela.... Chaza umthelela ... Yini inhloso yombhali... Ngabe isimo sokukhuluma (isaga / isisho/ isifengqo) sinamthelela muni ekuqondeni.... Chaza isimo sokukhuluma ... Ucabanga ukuthi uzoba njani umphumela/ umthelela/ njl wesenzo/wesimo.../Ucabanga ukuthi kungaba namthelela muni... Chaza umbonongqangi.... Qhathanisa imibono /indlela okubukwa ngayo izinto/isenzeko.../ Qhathanisa okushiwo esigabeni sesi-4 nesigaba sesi—6 njl. /Qhathanisa okufanayo okwenziwa.... Ucabanga ukuthi isenzo ... Ucabanga ukuthi amazwi omlingiswa... Ucabanga ukuthi indlela abuka ngayo izinto imveza kanjani umbhali/ umlingiswa/ umlandi... Humusha isitatimende esibhalwe ngokugqamile...</p>
40%

3. IMIBUZO ESEZINGENI ELIPHEZULU (UKUHLOLISISA KANYE NOKUNCOMA) = 20%

Ukuhlolisisa-(Evaluation)-izinga lesi-4

Imibuzo ehlohisayo imayelana nezinqumo ezithinta ubugugu nokunohlonze. Lokhu kufaka izinqumo mayelana nokuqinisekisa ubukhona bento, iqiniso nombono, nokukholeka, ukukwazi ukucabanga nokuqonda, ukuphikisana kanye nezinto ezifana nokuthandeka. Ukwamukeleka kwezinqumo nezenzo nokwaziswayo emphakathini.

Izibonelo zale mibuzo:

Ngokucabanga kwakho lokhu okwenzekile kuyakholeka /kungenzeka /kungenzeke...

Umbono ovezwa ngumbhali ngabe unobuqiniso...

Phawula ngokuhlolisisa....

Hlaziya ngokuhlolisisa

Uyavumelana nombono... Sekela impendulo yakho.

Uyavumelana nesitatimente...Sekela impendulo yakho.

Ngokwakho ukubona ngabe umbhali ...

Ngabe isenzo soku... **samukelekile** yini... Sekela impendulo yakho.

Hlolisisa...

Ngabe uyazwelana nombhali uma ethi... Sekela impendulo yakho.

Yikuphi ongakwenza uma ungase ubhekane nalesi simo?

Ukuncoma-(Appreciation) izinga lesi-5

Imibuzo encomayo ihlose ukuhlola umthelela wokomqondo nokuncoma itheksthi kohlowayo. Kugxilwa kakhulu endleleni aphenhla ngayo ebheka ukuphakama komoya ngokuqokethwe, ukukhonjwa kwabalingiswa, noma izehlakalo nendlela ayophendula ngayo ekusetshenzisweni kolimi ngumbhali (njengokukhethwa kwamagama nemifanekisomqondo).

Izibonelo zale mibuzo:

Xoxa ngempumelelo yombhali...

Phawula ngolimi olusetshenziswe umbhali...

Phawula ngomyalezo owedluliswa

Xoxa ngokuphumelela kwesitayela sombhali ekwethuleni isingeniso/ isiphetho....


Phawula ngokwezinqumo zamagugu ezitholakala esiqeshini.

Ake uncome...

Ake **ugxeke**...

ISAPHLUKO SOKU-1

UKUCHAZWA KWAMASU OBUCIKO



ISAKHIWO

Isakhiwo somdlalo siwukubumbeka komdlalo ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Kubhekwa ukuthi umdlalo uqala kuphi uze uphele kuphi. Isakhiwo (isethulo, ukubhebhethaka kodweshu okulethwa izigameko, isixakaxaka, uvuthondaba, ipholavuthondaba, isiphetho, ukujeqeza emuva, ukubikezela nokuvezwa kwabalingiswa) kanye nesakhiwana.

Amabanga esakhiwo:

- **Isethulo/ (isingeniso)**

Umsebenzi wesethulo:

- ukusethulela umlingiswa ongummeleli/ iqhawe lomdlalo
- ukusethulela isisusa sodweshu / inkinga abhekene nayo
- ukusethulela isizinda ikakhulukazi indawo lapho umdlalo ozogxila khona.

- **Umzimba**

- Umzimba wesakhiwo usethulela:

- Ukubhebhetheka kodweshu-

Kuleli banga udweshu olusuke esethulweni luqhubeka njalo umlingiswa oyiqhawe ezama ukuxazulula izinkinga zakhe. Uthi esathi uxazulula le nkinga kuphinde kukhungele ezinye. Lokhu kuyayikhulisa indaba kwandise nelukuluku.

- Isixakaxaka-

Lapha-ke izinto azisaqondakali ukuthi zizothatha yiphi indlela. Kuxabene ubendle, umfundi wencwadi usedidekile ngempela, nemibuzo esuke isisekhanda lakhe mayelana nokuzolandela endabeni isimningi kakhulu. Ilukuluku lokufunda nalo futhi lisuke selikhule ngokunye amaphaphu esephezulu, kungasavumi ukuthi ayibeke phansi incwadi. Indaba isuke isiphezulu iphikelele kuvuthondaba lapho kugqabuka khona igoda.

- Uvuthondaba

Lesi isicongo sendaba. Yonke imibuzwana asuke enayo umfundi iyaphenduleka. Ngabe uyaphumelela noma akaphumeleli umlingiswa ongummeleli / oyiqhawe emizamweni yakhe?

- Isu lokujejeza emuva:

Leli isu elisetshenziswa umbhali ukusikhumbuza izinto ezenzeke phambilini. Umbhali usuke esivezela izinto ezenzeke indaba ingakaqali noma isigameko esingavezwanga endabeni kodwa esinomthelela kulokhu okwenzeka ngaleso sikhathi.

- Isu lokubikezela:

Leli yisu lombhali lokusivezela kafushane noma ngezimpawu ezithile isigameko esizokwenzeka singakenzeki.

Isiphetho

Isiphetho sisethulela...

- Uvuthondaba
- Ipholavuthondaba / ibohlololo:
Le ngxenye yesakhiwo ilandela ngemuva kovuthondaba. Lapha indaba isuke ingasakhuli. Umbhali usuke esephetha indaba yakhe
- Ingwijikhwebu (akusiyo yonke imidlalo ephetha ngengwijikhwebu).:
Kuyenzeka ukuthi isiphetho sendaba kungabi yilokhu ebekulindelekile kodwa kuvele kuphenduke amatafula ekugcineni. Lokhu kubizwa ngengwijikhwebu.

ISAKHIWANA

Isakhiwana siyindaba ephelele etholakala ngaphakathi endabeni enkulu. Abanye bangayifanisa nendaba emfushane etholakala endabeni ephelele. Le ndatshana kumele ibe nomlingiswa osemqoka. Idingida isigameko esisodwa. Okunye okumele ukuqaphele ukuthi le ndatshana etholakala kule ndaba kungenzeka ingalandelani njalo ize iyofika ekugcineni. Kungenzeka uthole indatshana ephelele isuka ekuqaleni ize iyofika ekugcineni. Okubaluleke kakhulu ukuthi isakhiwana lesi sinokuxhumana okukhulu nomlingiswa osemqoka.

QAPHELA: Izincwadi zingaba naso isakhiwana ezinye zingabi naso. Ngakho-ke akuzona zonke izincwadi ezinesakhiwana.

ABALINGISWA

Yini umlingiswa/ abalingiswa?

Abalingiswa yilabo bantu abasetshenziswa umbhali ukudlulisa imicabango yakhe endabeni. Abalingiswa abantu ababamba iqhaza elibalulekile endabeni. Kumele benze izinto ezikholekayo okungaba ukukhala, ukudinwa, ukuhleka njl. Abalingiswa sibabiza ngabadlali embhalweni ongumdlalo. Yibona abaqhuba umdlalo ngokubamba iqhaza elithile ngamunye. Lokhu bakwenza ngenkulumo mpendulwana, kudaleke izigameko ezahlukene ezikhulisa umdlalo uze ufike kuvuthondaba.

Lokhu -ke kwenza ukuthi sibe nezinhlalo ezahlukene zabadlali abachazwa ngokweqhaza abalibambile emdlalweni nokuyilaba: ummeleli, imbangi, umlamuli/ umqhathi.

Ukuvezwa Kwabalingiswa

- ✓ Abadlali (abalingiswa) emdlalweni bazethula bona ngenkulumo-mpendulwano.
- ✓ Kuyenzeka futhi bethuleke ngencazelo esiyithola kunkulumo-mpendulwano yabanye abadlali.
- ✓ Izenzo zakhe nendlela acabanga ngayo kuyamethula umdlali.
- ✓ Umlandi kuyenzeka kube nguyena osethulela abadlali nezimpawu zabo emdlalweni.

Izinhlobo zabalingiswa neqhaza labo endabeni

Kule ngxenye kubhekwa ukuthi umlingiswa ubambe liphi iqhaza endabeni ukuthuthukisa indikimba.

○ Ummeleli / iqhawe lomdlalo

Ummeleli umlingiswa okunguyena owengamele umdlalo. Zonke izigigaba / izigameko / izehlakalo zehlela yena. Lo mlingiswa kumele asheshe avele endabeni. Uyaye azame ukwenza imizamo yokuxazulula inkinga asuke ebhekene nayo.

○ Imbangi

Lona ngumlingiswa ophikisana nommeleli emizamweni yakhe. Uyisiphazamiso kukho konke okwenziwa ummeleli, ufuna ukumdicilela phansi kuyo yonke imizamo yakhe. Angaba ngumlingiswa onamandla. Kwesinye isikhathi uhambisana nabathile abazolalela umqondo wakhe wokubhidliza. Imvamisa akagudluzeki kalula, kufanele ummeleli akhiphe zonke izikhwepha ukumgudlula.

○ Umqhathi

Lona ngumlingiswa obhebhezela ingxabano phakathi kommeleli kanye nembangi. Imvamisa ugqame ngokuqhatha. Ngesinye isikhathi uyama abukele efuna ukubona ukuthi njengoba ibambene phakathi kommeleli nembangi iyoza nkomoni.

○ Umlamuli

Lona ngumlingiswa ozama ukudala uxolo phakathi kwembangi kanye nommeleli

○ Umelekeleli

Lona ngumlingiswa olekelela ummeleli / iqhawe emizamweni yalo yokuxazulula izinkinga.

UMLANDI EMDLALWENI

Umlandi emdlalweni wenza umsebenzi owehlukile kowenoveli ngoba umdlalo wethulwa ngabadlali ngenkulumo-mpendulwano nangezenzo ezithile.

Iqhaza lomlandi emdlalweni kuba ukwethula izinkundla nezigcawu ngokwethula abadlali abatholakala kuleyo nkundla kumbe isigcawu, udaba abaxoxa ngalo, indawo abatholakala kuyona kanye nazo zonke izinto ezitholakala kuleyo nkundla kumbe isigcawu. Lapha-ke umlandi uyasho ngasekuqaleni kwenkundla noma isigcawu ukuthi sithola laba badlali, besendaweni ethile, bexoxa ngalolu daba.

Umsebenzi womlandi

- Ukulandisa indaba ukusuka ekuqaleni kuze kuyoba sekugcineni esebenzisa inkulumo mpendulwano yabalingiswa.
- Ukuchaza abalingiswa ngenkulumo-mpendulwano aphinde aveze nemizwa yabo.
- Ukuchaza indawo
- Ukubambezela umdlalo ukuze ungasheshi ufike kuvuthondaba.
- Usebenzisa amasu obuciko ukwethula uheho kofundayo.
- Ukusethulela imiyalezo yokuzokwenzeka enkundleni yokudlalela.
- Ukusichazela ngalokho okwenzeka enkundleni.

INDIKIMBA KANYE NEMİYALEZO

Indikimba

Indikimba ingumqondo jikelele noma yilokho umdlalo okhuluma ngakho ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama. Indikimba iphendula umbuzo othi umdlalo ukhuluma ngani.

Umyalezo

Umyalezo yilokho umbhali ahlose ukukwedlulisela kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe okungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukufundisa ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.

ULWAZI LWAPHAMBILINI KANYE NESIZINDA- UBUDLELWANE BABADLALI NENDIKIMBA

Ulwazi lwaphambilini/ Ulwazi lwangaphambili

Ulwazi lwangaphambili lungachazwa ngezindlela eziningana:

- ✓ Umlando wombhali ungaba nomthelela embhalweni wakhe:

Kulolu hlobo lolwazi lwangaphambili yilapho ubheka umlando wombhali. Umlando wombhali ungaba nomthelela kwakubhalayo. Indawo akhulele kuyo, indlela azalwe ngayo kanye nomsebenzi awenzayo noma abewenza.

- ✓ Izimo esezike zenzeka phambilini ezingalekelela ekuchazeni izenzo noma isenzo somlingiswa asuke esenza ngaleso sikhathi.
- ✓ Ingemuva/ Umlando womlingiswa:

Lapha kubhekwa izinto umlingiswa aseke wazenza phambilini zinomthelela ezinqumeni azithathayo ngokuqhubeka kwendaba.

ISIZINDA

Lapha sikhuluma ngokuhambelana kwendawo, inkathi nesimo senhlalo kanye nomdlalo wonke.

Izingxenye zesizinda

Isizinda sinezingxenye ezintathu

- Indawo: Yilapho izigameko zenzeka khona.
 - Indawo yasemakhaya
 - Indawo yasedolobheni
- Inkathi: kubhekwa ukuthi izigameko zenzeke ngasiphi isikhathi.
 - Inkathi yamanje
 - Inkathi yasemandulo
 - Inkathi yezinguquko

- Isimo senhlalo: kubhekwa indlela abalingiswa abahlalisene/ abaphilisana ngayo.
 - Isimo senhlalo asisihle
 - Isimo senhlalo sihle
 - Isimo senhlalo siyaguquka- siqala sisihle siphethe sesingesihle noma siqale singesihle siphethe sesisihle.

Ubudlelwano phakathi kwesizinda nabalingiswa

Umbhali womdlalo usebenzisa abalingiswa ukugqamisa isizinda sendaba yakhe. Lobu budlelwane phakathi kwabalingiswa nesizinda budala ukuthi umdlalo ukhule.

Ubudlelwano phakathi kwesizinda nendikimba

- ✓ Indikimba kumele ihambisane nazo zonke izingxenye zesizinda ukuze kugqame ubudlelwane phakathi kwaso nendikimba.
- ✓ Kubhekwa ukuthi indikimba inamthelela muni ngokwendawo.
- ✓ Kubhekwa ukuthi indikimba inamthelela muni ngokwenkathi
- ✓ Kubhekwa ukuthi indikimba inamthelela muni ngokwesimo senhlalo.

UMOYA NETHONI

Umoya umuzwa umlingiswa aba nawo ngaphambi noma ngemuva kwesigameko esithize. Okungaba umoya wokujabula, wokukhathazeka, wentukuthelo, wokuncoma, njl.

Ithoni ingachazeka njengendlela abadlali abakhuluma ngayo kumbe abenza ngayo izinto. Umdlalo ungaba nethoni yokulwa, yokuhlukumeza, yokucwasa, yokuncenga, yokulamula njl, kuye ngendlela inkulumo yomdlali ebekeka ngayo namagama awasebenzisayo.

UKULANDELANA KWEZIGAMEKO/ IZEHLAKALO

Lapha kubhekwa ukulandelana kwezehlakalo ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni noma kuvuthondaba. Okubalulekile ukubheka ukuthi umbhali ukwazile ukulandelanisa izigameko, ukusuka ekuqaleni kuze kuyofika kuvuthondaba.

Lokhu kusho isu elisetshenziswa ngumbhali ukuhlela izigameko zakhe ngendlela ezokwenza uheho nelukuluku kumfundi ngesikhathi efunda umdlalo.

UDWESHU

Udweshu ukungqubuzana phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu kumbe kuyena umlingiswa eyedwa. Udweshu luhlukaniseke kabili, olwangaphandle nolwangaphakathi. Udweshu lungasukela noma luphethe ngesigameko okanye lusukele kusigameko luphethe ngodweshu.

Isibonelo:

Udweshu lwangaphandle → udweshu lwangaphakathi → isigameko

Udweshu lwangaphakathi → udweshu lwangaphandle → isigameko

Isigameko → udweshu lwangaphakathi → udweshu lwangaphandle


Isigameko → udweshu lwangaphandle → udweshu lwangaphakathi

Udweshu Lwangaphakathi: Lapha kusuke kungqubuzana imicabango kumlingiswa ethatha ebeka engazi ukuthi athathe siphi isinqumo.

Udweshu Lwangaphandle: Lapha kusuke kungqubuzana imibono yabalingiswa ababili noma ngaphezulu. Bangaqophisana ngamazwi kwesinye isikhathi baze babambane ngezandla.

ISAHLUKO SESI-2

IQOQA LOMDLALO



UMLANDO WOMBHALI

UMhlonishwa E.J. Mhlanga yimbongi endala emkhakheni wokubhalwa kwezinkondlo kanti amanoveli nemidlalo useke wasika elijikayo kuwona. Wazalelwa endaweni yaseMorgenon (EMahasoni) kanti waqeqeshwa njengothisha eMgwenya, eMpumalanga.

Ezinye zezincwadi zalo mbhali:

- 1.1 Ezakhe eyedwa: Izinduku Zomsimbithi, Izingcazi Zogqozi, Ubulawu Bamathwasa, Izingcula Zembongi, Amadwala Ezimpophoma, Izihlangu Zohlangu, Isigcawu Sekhethelo, Umqhele Wembeleko.
- 1.2 Azihlele ngokuhlanganyela nabanye:
Amahloko- E.J Mhlanga/J. J Thwala;
Izingqungqulu Zosiba E.J Mhlanga /L.B.Z Buthelezi;
Kusindwe Ngobethole E.J Mhlanga /J.C Dlamini
- 1.3 Ezihlelwe Nguyena: *Ziqubuka Olwandle*.
- 1.4 Ezihlelwe Ngabanye: *Izintaba Zokhahlamba*;
Ameblo Embongi; Intwasahlobo; Iminduze – C.T Msimang;
Ihluzo 1,2,3 – N.M Makhambeni; *Izihlandla Zohlangu* – J.J Thwala,
Izigi, Imvubelo- A.M Maphumulo.
- 1.5 Amanoveli: kunamanovelana ambalwa awabhalile amanye awo yilawa: *Inhlamvu Yelanga* (Ibanga 7);
Kangisazi-kemanje (Ibanga 9)
- 1.6 Umdlalo: Ubhale ethi *Enkundleni Kwangcedomhlophe*
- 1.7 Ezobuciko Bomlomo (Azihlele ngokuhlanganyela nabanye: Amajikijolo, Izingxabo *Zomhlabathi*).

Usebenze njengothisha wesiZulu esikoleni sase-Ligugu High School eDundonald esifundazweni saseMpumalanga nase-Etswatwa High School eWattville esifundazweni saseGauteng. Usebenze njengeKhansela lesigceme 66 – Ekurhuleni Municipality, wasebenza kuConsulting Company-Yamedupi Solution, wasebenza njenge-Assisstant Project Coordinator kunhlangano yezamakhetho i-Independent Electoral Commission (IEC).

UMDLALO NGAMAFUPHI

Lo mdlalo ukhuluma ngokungathembeki komuntu wesifazane othole umendo wabusiseka kuwona kepha ugcina ulahlekile ngenxa yomhobholo wemali. Konke akudingayo kumyeni wakhe ubekuthola, kepha waqoka ukusebenzisana nezigebengu ngenxa yothando lwemali. Ubefuna ukugudluza umyeni wakhe ukuze asale nomcebo. Ugcina elahlekelwa ngokukhona ngokungekho, uthandane noNkululeko ebe eshadile noThamsanqa.

Kulokho kuthandana kwabo kuzalwa ingane, kepha isulelwa kuThamsanqa owayikhulisa engazi ukuthi akusiyo eyakhe. Ukungathembeki kukaPhindisiwe kumandisela izinkinga, ugcina eseqanjelwa amanga ukuthi washada noNkululeko. Kuphinde kuvele itulo alenza lokufuna ukuthola imali kumyeni wakhe ngokuthembisa izigebengu izizumbulu zemali, okugcina kungenzekanga kwase kuholela ekutheni zimdalule uma engasazikhokheli. Seliquliwe icala enkantolo naye uPhindisiwe wasithola isigwebo esiqatha ngokungathembeki kubaqashi bakhe.

INCWADI NGAMAFUPHI NGOKWEZINKUNDLA NEZIGCAWU

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SOKUQALA

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **UPhindisiwe:** Usebenza ebhange iForum, uyinkosikazi kaThamsanqa.
- **uNkululeko:** Uphuma ejele uyishende likaPhindisiwe.

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ Umbhali usethulela isigameko lapho uNkululeko ekhuluma ephendulana noPhindisiwe ocingweni esemsebenzini ebhange *iForum*.
- ✓ Kule nkulumo-mpendulwano kushubile, kusuka udweshu phakathi kwalaba balingiswa ababili.
- ✓ UNkululeko uphuma ejele, ufuna ukuba babuyelane noPhindisiwe oyisithandwa sakhe oshade noThamsanqa.
- ✓ Ugcina ngokufunga agomele athi uzokhipha zonke izimfihlo uma kungenzeki ukuthi babuyelane.
- ✓ UNkululeko usehlale iminyaka emithathu ejele ngecala elalenziwe uPhindisiwe lokushayisa ingane, ngokwenza njalo uPhindisiwe wamkhokhela imali yemvalamlomo.

- ✓ UNkululeko usefuna nengane yakhe uZiphozonke eyasulelwa kuThamsanqa okwaba yimfihlo yabo bobabili.
- ✓ UNkululeko ufuna imali kuPhindisiwe, utshela uNkululeko ukuthi akeze neProject engamfakela imali yena uzomlekelela.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Shono isizathu esibangele ukuthi uNkululeko ashayele uPhindisiwe ucingo.
2. Chaza kafushane umehluko womuzwa ovezwa uNkululeko kanye nalowo ovezwa uPhindisiwe enkulumeni yabo ekulesi sigcawu.
3. Shono izimfihlo zikaNkululeko noPhindisiwe ezingafaka uPhindisiwe enkingeni uma zingafika kuThamsanqa.
4. Ingabe wayeboshelweni uNkululeko ngaphambilini?
5. Kungani uPhindisiwe efuna ukusiza uNkululeko nge-project?

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SESIBILI

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **UNkululeko:** UngowakwaGubhela/ Kubheka
- **UMathonsi:** Ubaba kaThamsanqa ungubabezala kaPhindisiwe
- **UMaMhlongo:** Umama kaThamsanqa ungumamezala kaPhindisiwe

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UNkululeko ugasela kwaMathonsi ezobanekela zonke izimfihlo zakhe noPhindisiwe ongumakoti wabo.
- ✓ UNkululeko uyazichaza kwaMathonsi ukuthi yena uyinsizwa yakwaKubheka esigodini senkosi uMthwalume eMsingeni. Okwamanje usehlala eGoli eMandleni Section. Ubuye achaze ukuthi akezile ngobuhle ucela behlise imimoya.
- ✓ UNkululeko uziveza emndenini wakwaMathonsi ngenhloso yokuzolanda ingane kanye nenkosikazi yakhe abagcinwe uThamsanqa. Uze aveze nokuthi uThamsanqa unalo ulwazi lokuthi ubeboshiwe esejele.
- ✓ UMaMhlongo ukhwela uyazehlela kuNkululeko ethi ubazi benjalo oguluva baseGoli.
- ✓ UNkululeko uqhuba indelelo ethi izingane zakhe zigcinwe yilo mkhuhlane wesigwadi esinguzinyobulala onguThamsanqa.

- ✓ UNkululeko ubukisisa ngokugxilile isithombe somshado kaMathonsi nomkakhe esisodongweni.
- ✓ UMathonsi uyamtshela ukuthi akayibeke ezithebeni indaba yakhe bezwe.
- ✓ AbakwaMathonsi bathukutheliswa ukuzodelelwa uNkululeko emzini wabo. Aphinde uNkululeko achaze ukuthi akezile ngempi ucela ithuba lokubachazela ukuthi konakalaphi.
- ✓ UNkululeko uthi izingane zakhe uyazifuna ngoba wanele waboshwa lo nogwaja wathola ithuba.
- ✓ UNkululeko uthi abamxwayise uThamsanqa ngoba uzodliwa ngumthofi.
- ✓ UMaMhlongo ufuna ukushayela amaphoyisa ucingo kodwa uNkululeko uthi angalokothi ngoba izulu lizoduma khona manje. Aphinde athi kubo uzobuya esezogadla ngezinye izinduku.
- ✓ UMathonsi avule umnyango amxoshe athi kuye ucabanga ukuthi wethuswa yithoyizi lesibhamu. UMaMhlongo yena uyaphoxeka ngendlela amthanda ngayo uPhindisiwe, uzibuza imibuzo engenazimpendulo.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. UPhindisiwe uhlobene kanjani nomndeni wakwaMathonsi?
2. Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaNkululeko kulesi sigcawu imveza njengomlingiswa onjani. Sekela impendulo yakho
3. Ucabanga ukuthi umndeni kaMathonsi ucabangani ngenkulumo-mpendulwano ephakathi kwawo noNkululeko?
4. Kungani uNkululeko wazifikela mathupha kwaMathonsi ezobabikela le nsambatheka ayeze ngayo?
5. Ngabe kwakufanele yini ukuthi uNkululeko aqonde kwaMathonsi eyobathulela izimfihlo zikaPhindisiwe?

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SESITHATHU

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **UNkululeko:** ishende likaPhindisiwe
- **UMaqoma:** Umngani kaNkululeko waseMakhabeleni omlekelela ngokuthi azuze umcebo ngokusebenzisa uPhindisiwe.

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UNkululeko uxoxela uMaqoma ukuthi uphume ngesamagundane kwaMathonsi.
- ✓ UNkululeko uxoxela umngane wakhe uMaqoma ngendlela adelele ngayo abakwaMathonsi nanoma eye washaywa uvalo nje ukuthi uma bangase bashayele amaphoyisa ucingo uzoba ngoboshiweyo.
- ✓ Umxoxela ukuthi ukwazile ukubachukuluza ukuze athole ulwazi lokuthi uThamsanqa uhlala kuphi nomndeni wakhe.
- ✓ UNkululeko noMaqoma bahlela ukugasela emzini kaThamsanqa nokuthi bazokwenza kanjani lokho.
- ✓ UMaqoma uxwayisa uNkululeko ukuthi akaqaphelisise ngoba lokhu abakwenzayo kunobungozi. Ukuze isiphetho sibe yimpumelelo kuyodingeka ukuba bahlele kahle yonke into ukuze bangaboshwa.
- ✓ UMaqoma uza nesu lokuthi kusetshenziswe isinqandamathe sikaNkululeko esinguKholekile ukufeza icebo labo. Unqaba uyaphetha uNkululeko uthi ngeke ubathembe abantu besifazane njengoba bengabangani noPhindisiwe.
- ✓ UNkululeko uhlela ukuphindela kwaMathonsi esepethe nobufakazi ukuze ababonise ukuthi ubeqinisile ngezimfihlo abethulele zona.
- ✓ UNkululeko uqinisa uMaqoma ngokuthi iseyinde indlela abazoyihamba kufanele bacabangisise amasu anele abazowasebenzisa.
- ✓ Ekugcineni bahlela ukuthi baqubise izinsukwana ezimbalwa ukuze bahlolisise kahle isimo kanye namaqhinga abazowasebenzisa.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Yini ehloswe nguNkululeko kanye noMaqoma ngokwalesi sigcawu?
2. Uchaza ukuthini uMaqoma uma ethi “kufuneka isu elinohlonze ukuze ukwazi ukuthola okungokwakho.”?
3. Chaza iqhaza elingabanjwa uKholekile ngokukaMaqoma ezinhlelweni zabo benoNkululeko.
4. Ingabe kwaba isu elihle yini ukuthi uPhindisiwe athi kuNkululeko akeze neProjekthi azomlekelela kuyo? Sekela impendulo yakho.
5. Kungani umbono kaMaMhlongo wokubikela amaphoyisa wawumsabisa uNkululeko?

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SESINE

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uMathonsi**
- **uMaMhlongo**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UMathonsi noMaMhlongo badingida udaba lokuhlaselwa uNkululeko ngalezi zindaba abethulele zona ezingakholakali.
- ✓ Besadidekile kanjalo ngale mpicabadala babuye bavumelana ngokuthi kukhona okushaya amanzi ngalolu daba.
- ✓ UMathonsi uphinde agcizelele ukuthi umama wakhe walikhipha elokuthi lo mfanyana uZiphozonke wayenenswebu kaBabomkhulu.
- ✓ Bavumelana ngokuthi bashayele amaphoyisa ucingo ukuze bavikele uThamsanqa nomakoti ekulinyazweni yilesi sigebengu. UMathonsi ugcina ngokuthi kuhle kushayelwe uThamsanqa bamazise ngalolu daba.
- ✓ UMaMhlongo uthi bathathe ngamawala ngoba bekufanele bafune lonke ulwazi ukuze babe nobufakazi obugcwele ngodaba lukaNkululeko.
- ✓ UNkululeko uhambe ethi usayohloma ngezinye izinduku abuye esezohlasela okwesibili la kwaMathonsi.
- ✓ UMaMhlongo uzama ukushayela uThamsanqa ucingo angamtholi, lokho kuyamethusa usecabanga nokuthi kazi ayimtholanga yini le ndlavini.

- ✓ UMathonsi useyamkhumbuza ukuthi njalo ngoLwesithathu kuba usuku lwabashadikazi enkonzweni okungenzeka ukuthi balapho. Ingani kuyaziwa ukuthi azibaphuthi lezi zinkonzo.
- ✓ UMathonsi noMaMhlongo bagcina ngokuthi abazikhulekele lezi zingane zabo ukuze zivikeleke zingavelelwa yilutho endleleni uma sezibuya enkonzweni.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ucabanga ukuthi kubaphathe kanjani abakwaMathonsi ukufika kukaNkululeko?
2. Ingabe yini le uNkululeko azohloma ngayo uma esebuya kwaMathonsi?
3. Ucabanga ukuthi uThamsanqa ukhuliswe ngabazali abanjani? Sekela impendulo yakho.
4. NgokukaMathonsi sizathu sini esasenza ukuthi ucingo lungabanjwa emzini kaThamsanqa?
5. Ngabe yini le umndeni wakwaMathonsi obufuna ukuyitshela uThamsanqa ngesikhathi umshayela ucingo?

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SESIHLANU

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **UThamsanqa**
- **UNkululeko**
- **UPhindisiwe**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ Kusemzini kaThamsanqa kukhala ucingo beqeda kungena nje emnyango, uyaluphuthuma uThamsanqa kodwa angakhulumi lo oshayayo avele anxaphe.
- ✓ UThamsanqa umangazwa ucingo olulokhu lukhala ebusuku uma ethi uyalubamba olushayayo avele amnxaphele kabuhlungu, alubeke phansi engakhulumanga.
- ✓ UPhindisiwe uthi mhlawumbe unxapha ngoba bengezwani ngenxa yenkinga yezigxobo zocingo.

- ✓ Usethukuthele uThamsanqa uma selukhala okwesibili luphinde lungaphendulwa, uthi uPhindisiwe akaluphendule uma seluphinda futhi lukhala ngoba abantu bakhe bafuna yena aphenndule ucingo.
- ✓ Luthe ucingo selukhala okwesithathu waludumela uPhindisiwe ngokuthi athi ufunani lo muntu ndini, ngokufutheka ugcine esethi kanti ufunani Nku. . . wase elubeka phansi ngokushesha uma kuqhamuka uThamsanqa.
- ✓ Uthe ekuzwa lokho uThamsanqa wathi akaqedelele igama likaNku.... Waphendula ngokuthi uNkululeko oyisoka likaNokuphila obefuna ukwazi ukuthi ingabe akambonanga yini ngoba kwazeka ukuthi uhambe naye.
- ✓ UThamsanqa ubuza kuPhindisiwe ukuthi ngabe yikhona kodwa akushilo njengoba eseqhaqhazela nje.
- ✓ Luphinde lukhale futhi ucingo okwesine, uThamsanqa athi akaluphendule uPhindisiwe ngoba olwakhe. Ngempela aluphendule ngokufutheka. Aphenndule ngokuthi, "Sikhohlakali ndini ufunani, hlukana nomoya wami ngoba savumelana ngale mfihlo eyaziwa yithina sobabili".
- ✓ Uma uPhindisiwe eqeda ukuphendula ucingo engabonanga ukuthi uThamsanqa ubemlalele wavele wabibitheka wathela uThamsanqa ngemvula yezinyembezi ngoba ebalekela ukubuzwa ngalona ebekhuluma naye.
- ✓ UThamsanqa ukhumbuza uPhindisiwe ngesivumelwano sabo sokungagodlalani izifuba. Umtshela nokuthi angeke balale bengaxazululanga le nkinga ababhekene nayo.
- ✓ UThamsanqa uthi akasoze amphoqa uPhindisiwe ukuthi amtshela ukuthi udliwa yini kodwa uzozikhulumela yena uma esezimisele ukukhuluma.
- ✓ UPhindisiwe ukhuluma yedwa esethi angamtshela kanjani uThamsanqa emva kweminyaka engaka, uthi kungcono afe neqiniso.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ngokucabanga kwakho kungani lo muntu oshaya ucingo engakhulumi kodwa avele anxaphe nje uma ucingo lubanjwa nguThamsanqa?
2. Yini eyenza uPhindisiwe uma ephendula ucingo okwesibili avele afutheke aze athi sikhohlakali ndini?
3. Ingabe uPhindisiwe ubibithekiswa yini?
4. Ucabanga ukuthi uPhindisiwe ubephelelwa umoya ngempela? Sekela impendulo yakho.
5. Kungani uThamsanqa ethi ucingo aluphendulwe uPhindisiwe?

INKUNDLA YOKUQALA: ISIGCAWU SESITHUPHA

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- uMaMhlongo
- uMathonsi

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ Kusemzini wakwaMathonsi, uMaMhlongo usathuswe yindlela uPhindisiwe amphendule ngayo ocingweni.
- ✓ Wethulela uMathonsi ukuthi ushaye umuzi kaThamsanqa ucingo oluphendulwe uPhindisiwe omkhulumele insumansumane.
- ✓ UMathonsi uyamphikela umakoti wakwakhe ngendlela amazi ehlonipha ngayo engakaze akhulume umathanda nangolulodwa nje usuku.
- ✓ UMaMhlongo uzibuza imibuzo ngale mfihlo uPhindisiwe akhulume ngayo ocingweni ukuthi kazi ubecabanga ukuthi ukhuluma nobani.
- ✓ UMathonsi ucabanga ukuthi uThamsanqa usekhulile futhi usengazithwalela ijoka lakhe athathe nezinqumo.
- ✓ Ubuthongo abusehli kuMaMhlongo ngoba ucabanga ukuthi ingane yakhe ikhohliswa yinkosikazi yayo.
- ✓ UMathonsi ucabanga ukuthi uThamsanqa uyaludinga usizo lomndeni.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ingabe uPhindisiwe ukhulume nini noMaMhlongo ocingweni?
2. Impendulo kaPhindisiwe ocingweni imphathe kanjani uMaMhlongo? Sekela impendulo yakho.
3. Chaza kafushane umphumela wokuphendula ucingo kukaPhindisiwe engasezwanga ukuthi ubani oshayayo?
4. Kungani uMathonsi emphikela umakoti wakwakhe ngesenzo esibatshezwa uMaMhlongo?
5. Ngokucabanga kwakho ngabe sizo luni oludingwa nguThamsanqa emndenini?

INKUNDLA YESIBILI: ISIGCAWU SOKUQALA

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uThamsanqa**
- **uMathonsi**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UThamsanqa usemsebenzini ehhovisi akusebenzeki ukhathazekile ucabanga ngenkosikazi yakhe.
- ✓ Uyacabanga ukuthi kazi uPhindisiwe udliwa yini le angakwazi ngisho ukuyixoxa naye njengomyeni wakhe, kangangoba namuhla uvuke engemuhle neze okukhombisa khona ukuthi kukhona akufihlayo.
- ✓ UMathonsi ukhumbuza uThamsanqa ngokuthi uke wamdonsa ngendlebe lapho emtshela ukuthi ukubuka izinto ngeso lokhozi kufanele kube yisikhali sendoda. Izimpikokazi zalo zibe yisiviko sakhe. Kanti ubuchopho balo bube yiklwa lakhe lokuhlabana. Lokhu kuchaza ukuthi uma indoda kumele ibhekisise, ikwazi ukubuka izinto ngeso elibukhali.
- ✓ Ngokusho kanjalo kukaMathonsi wayeqonde ukuthi uma imizuzu yempilo ilokhu inyathelana izimo ziyaguquka, liyabalela liguqubale.
- ✓ UMathonsi usetshela uThamsanqa ukuthi uma ephuma emsebenzini namuhla adlule ekhaya, kukhona udaba olubucayi afisa ukuluxoxa naye. Lokho kwamethusa uThamsanqa.

- ✓ UThamsanqa usefuna lolu daba abizelwa lona ludingidwe ngocingo ngoba kukhona umhlangano azophuthuma kuwona uma ephuma emsebenzini.
- ✓ UThamsanqa uzibuza ukuthi ingabe iluphi lolu daba uyise afuna ukuluxoxa naye. Ngakolunye uhlangothi yena nonkosikazi wakhe banodaba olubucayi okufanele baluxoxe.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ucabanga ukuthi uThamsanqa useyayazi yini imfihlo kaPhindisiwe. Sekela impendulo yakho.
2. Phawula ngemizwa kaMathonsi ngesimo indodana yakhe ebhekene naso.
3. Isenzo sikaThamsanqa sokuhlehlisa umhlangano wakhe ngenxa yokubizwa ubaba wakhe simveza njengomuntu onjani?
4. Ngolunjani udaba olubucayi?

INKUNDLA YESIBILI: ISIGCAWU SESIBILI

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uMathonsi**
- **uNkululeko**
- **uMaMhlongo**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UMathonsi ulindele uThamsanqa njengesivumelwano sabo kanti kuzofika uNkululeko engalindelwe.
- ✓ UNkululeko uthi ubuye nobufakazi lapha emzini kaMathonsi njengesithembiso asenze ngaphambilini begcina ukubonana.
- ✓ Uthe uma ekhipha ipheshana emnika ethi liwubufakazi, uMathonsi wamemeza uMaMhlongo ukuthi akazombonisa.
- ✓ UMaMhlongo walifunda ipheshana wabona ukuthi incwadi yomshado. Wavele waphetha ngokuthi washo ukuthi lonkosikazi wakwaMakhunga uchakijana.
- ✓ Useyakholwa manje ukuthi uNkululeko unelungelo lokuzofuna umkakhe ngoba phela naye nencwadi yomshado ewubufakazi obuqanda ikhanda.
- ✓ UMathonsi wayenakho ukungabaza ngoba ethi uMaMhlongo akhumbule ukuthi kuseGoli lapha kanti futhi bakhona ochakijana abalala bengalele befuna indlela

yokuziphilisa ngegazi labanye abantu. Kuphinde kube khona abalithengisayo leli pheshana mhlawumbe behlose khona ukuthola imali kumakoti ngoba phela esebenza ebhangi.

- ✓ Ame nje lapho uNkululeko kuleli qiniso alethula ngaphambilini lokuthi wayeshadile noPhindisiwe. Aphinde akhiphe isithombe somshado esidala esasisikwe ephephandabeni "Ifa Lamehlo"
- ✓ Lesi sithombe naso esiwubufakazi, ngempela umakoti uyashada, uqabulana nomkhwenyana okungeyena uThamsanqa futhi kukhona nomfundisi obahlanganisayo.
- ✓ UNkululeko uyabachazela ukuthi uPhindisiwe uhambe emva kokuxabana kwabo iminyaka emithathu edlule akazange esabuya. Uthi wayenethemba lokuthi uzobuya.
- ✓ Uthi waphinda waboshwa eseboshelwa yena uPhindisiwe ngoba ethi uyamkhuza.
- ✓ Uphinda uchaza ukuthi baxabana benoPhindisiwe ngoba wayeshayela amaloli amakhulu athutha impahla enqamula amazwe okuyikhona okwadala ingxabano. Usezwa izalukazi ebhasini zikhombisana ngoPhindisiwe ukuthi wachitha umuzi kaMabhekadlule.
- ✓ UNkululeko uphinde uveza nokuthi uke wazama ukumfuna uPhindisiwe kubo kodwa unina ebelokhu ebheca uNkululeko ngodaka emehlweni, esho nokusho ukuthi akalona iphoyisa yena.
- ✓ UNkululeko wathi uxakwa ngabakwaMakhunga ukuthi bavuma kanjani ukushadisa indodakazi yabo bebe bazi kahle ukuthi ishadile.
- ✓ UMathonsi uthi wayengeke avume uThamsanqa ashade noPhindisiwe ngoba umakoti uthelwa kanye ngenyongo.
- ✓ UMathonsi uthi kuzofuneka umndeni wakwaMathonsi nowakwaMakhunga uhlanganise amakhanda udingide lolu daba.
- ✓ UNkululeko uyaxolisa ngendlela aziphatha ngayo eqala ukufika.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Kungani uMathonsi wabiza uMaMhlongo ukuba abhekisise ipheshana elaliphethwe nguNkululeko?
2. UMathonsi uchaza ukuthini uma ethi kufanele le nkomazi ayisenge iludedele lonke ubisi?
3. Uchaza ukuthini uMaMhlongo uma ethi lo nkosikazi wakwaMakhunga uchakijana?
4. Ingabe uNkululeko ubeqinisile ngobufakazi abebuphethe bokushada kwakhe noPhindisiwe?
5. Ukuphi uPhindisiwe njengoba kudingidwa udaba lwakhe?
- 6.

INKUNDLA YESIBILI: ISIGCAWU SESITHATHU

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uMathonsi**
- **uThamsanqa**
- **uMaMhlongo**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ Kusekhaya kwaMathonsi kufika uThamsanqa ezobona abazali bakhe njengoba ebizwe nguyise.
- ✓ UMaMhlongo ubingelela uThamsanqa lapho ethi siyaphila ngoba sisacwayiza nokudlalisa leli shoba lokuziphungela noma nalo seligcwele umlomo.
- ✓ Uphinda uyasho ukuthi izinto azihambi kahle neze kodwa uyise usezomchazela.
- ✓ UMathonsi uyamtshela ukuthi usindwe zinyawo engasambonanga uNkululeko obevakashile. Ubuye akubone kungcono ngoba mhlawumbe bebezoxabana noNkululeko.
- ✓ UMathonsi uyamkhumbuza ukuthi useyindoda manje ngakho ayikho indoda eyakhela enye umuzi.
- ✓ UMathonsi ubuza uThamsanqa ukuthi umethemba kangakanani umkakhe.

- ✓ UThamsanqa utshela uyise ukuthi uyamthemba umkakhe kanti futhi uyamthanda. Uphinda uthi okuningi bayaye bahlale phansi babonisane baze bafinyelele esivumelwaneni.
- ✓ UMathonsi uyambuza ukuthi umkakhe wake wamtshela yini ukuthi unezingane azishiya ekhaya. Wavuma uThamsanqa ukuthi ngempela uyazazi noma kuvele sebhala bobabili, lokho kwabethusa abazali ngoba bebeqala ukukuzwa.
- ✓ UThamsanqa uqhubeka nokwazisa abazali bakhe ukuthi zikhona izingqinamba abebhlangabezana nazo noPhindisiwe kodwa bazixazulule ngokuxoxisana. UPhindisiwe wagonyuluka lonke iqiniso base bevumelana ukuthi bangabe besafihlelana lutho.
- ✓ Izingane zikaPhindisiwe zibiza isibongo sakwaMakhunga.
- ✓ UMathonsi utshela indodana yakhe ukuthi bebehlaselwe nguNkululeko ofike wathi uzofuna izingane zakhe ezisiswe khona lapha kwaMathonsi. Waphinda wakhapha nesitifiketi somshado esuwubufakazi bokuthi ushadile nonkosikazi kaThamsanqa. Uphinde wakhapha nesithombe somshado esiveza uPhindisiwe noNkululeko beshadiswa uMfundisi Sokhela okunguyena owashadisa bona.
- ✓ UThamsanqa uyiphikisa yonke leyo ndaba kanye nobufakazi obulethiwe.
- ✓ UMaMhlongo wangeza ngocingo abezama ukumshayela lona lwagcina lubanjwe uPhindisiwe ovele wagonyuluka, wakhwela wazehlela ngoba ecabanga ukuthi ukhuluma noNkululeko ocingweni.
- ✓ Abazali bamtshela ukuthi angayihambeli phambili le ndaba kodwa kungakuhle ukuba uPhindisiwe ubekhona naye kudingidwa le ndaba.
- ✓ UThamsanqa uphatheka kabi, usekhalela uthando lwakhe olumuka namanzi, indlela amthanda ngayo ingaphezu kokwenza. Uggemeke ingozi engeqiwa ntwala. Okucasula kakhulu yimizamo ayenzayo yokuthi uPhindisiwe amtshale konke okumhluphayo kepha uphetha ngokuthi akukho lutho.
- ✓ Kubenzima ngisho ukusuka ayoxoxa noPhindisiwe ngalolu daba.
- ✓ Iseluleko uyise amnika sona, uthi angafiki ekhaya enze into enobuwula ngoba uzolala ebaliwe uma ephika nolaka.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ubechaza ukuthini uMathonsi uma ethi ayikho indoda eyakhela enye umuzi?
2. Ucabanga ukuthi sizathu sini esibangele ukuthi uPhindisiwe afihlele umyeni wakhe ukuthi unezingane ngaphambi kokuba bashade?
3. Ucabanga ukuthi isenzo sikaThamsanqa sokufihlela abazali bakhe ukuthi uPhindisiwe unezingane simveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho
4. Ucabanga ukuthi yini eyenza uThamsanqa angabukholwa ubufakazi obethulwa nguNkululeko ngoPhindisiwe?
5. Uchaza ukuthini uMathonsi uma ethi uThamsanqa angenzi ubuwula ngoba uzolala ebaliwe?

INKUNDLA YESIBILI: ISIGCAWU SESINE

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uThamsanqa**
- **uNkumbulo:** Umngani kaThamsanqa asebenza naye

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UThamsanqa usemsebenzini lapho etshisa khona udaba olubucayi aludingide nabazali bakhe ngoPhindisiwe.
- ✓ Umngane wakhe uNkumbulo uyambona ukuthi kukhona okungamphethe kahle ngoba ungena ehhovisi umthola ekhuluma yedwa.
- ✓ UThamsanqa uyasho ukuthi kubi impela, uyagula kanti nomzimba undikindiki uze ucabanga nokuyobona udokotela. Uhlengezela nezinyembezi ngoba iva lilokhu libelesele limhlaba.
- ✓ Useyachaza ukuthi uphinde wehlulwa ngamehlo kanti kulokhu ubecabanga ukuthi uthole imbokodo uqobo lwayo kanti uzishaya ngendlebe etsheni.
- ✓ Useyakhumbula uNkumbulo emxwayisa ngokuthi angasheshi ukuthatha omunye unkosikazi.
- ✓ Useyamlandisa udaba lokuthi ushada inkosikazi yakhe nje kanti ubeshade umfokaGubhela ngaphambilini abangahlukanisile naye.
- ✓ UNkumbulo akayikholwa indaba yokushada kukaPhindisiwe nomfo kaGubhela uze uxwayisa uThamsanqa ngokuthi akhumbule ukuthi maningi amankentshane lapha ngaphandle.

- ✓ UThamsanqa uyamchazela ukuthi lonke lolu daba uluthole kubazali bakhe abaluthole kuyena uNkululeko mathupha waze wabanika nobufakazi obugculisayo.
- ✓ UNkumbulo akayikholwa yonke nje indaba kaNkululeko kanye nobufakazi bakhe ngoba uze asho ukuthi abantu abasebenza emnyangweni wezasekhaya kulezi zinsuku bagangile ngoba kuze kube khona abesifazane abashadiswa bengazi.
- ✓ UThamsanqa uyasho ukuthi uPhindisiwe uphike wema ngentaba wavutha amalangabi engafuni kuzwa lutho. Konke lokho kugcine ngakho ukuthi aze ambeke isandla into angakaze ayenze ngaphambilini.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Uchaza ukuthini uThamsanqa uma ethi uphinde wehlulwa ngamehlo kanti kulokhu ubecabanga ukuthi uthole imbokodo uqobo lwayo kanti uzishaya ngendlebe etsheni.
2. UNkumbulo ulwamukela kanjani udaba lokuthi uPhindisiwe wayeshadile ngaphambilini futhi engahlukanisile.
3. Ucabanga ukuthi uThamsanqa noNkumbulo ubudlelwano babo bungobunjani? Sekela impendulo yakho.
4. Yisiphi isixwayiso esinikwa uNkumbulo asikhumbula emva kwendaba uThamsanqa.
5. Ngabe isenzo sikaThamsanqa sokushaya uPhindisiwe siyemukeleka yini? Sekela impendulo yakho.

INKUNDLA YESIBILI: ISIGCAWU SESIHLANU

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU:

- **uThamsanqa**
- **uNkululeko**

Isigcawu ngamafuphi:

- ✓ UThamsanqa usehho visi uthola ucingo oluvela kuNkululeko engalulindele.
- ✓ UNkululeko utshela uThamsanqa ukuthi kusukela namuhla usezomnamathela njengenomfi, futhi uzompheka ngebhojwana elincane ngenxa yokuthatha uPhindisiwe amenze inkosikazi yakhe kanti wamkhiphela nelobolo.
- ✓ UThamsanqa uyamsongela uthi usukela imamba iqube emgodini wayo. Wamtshela ukuthi bazohlangana esikhaleni sikaNtombela lapho kuyochitheka gula linamasi.
- ✓ UThamsanqa ukhombisa ukungamesabi uNkululeko uvele uba nesibindi nje sokuphendulana naye. UThamsanqa akakholwa noma ebuthola ubufakazi kubazali bakhe bokushada kukaPhindisiwe noNkululeko ngaphambilini.
- ✓ UNkululeko uthi ufuna ingane yakhe uZiphozonke futhi umtshelile noMathonsi ukuthi uyise wengane usebuyile ngakho ufuna ize ngakuye azozikhulisela yona. Uphinda ubonga nomusa wokuthi uThamsanqa umkhulisele yona.
- ✓ UThamsanqa uyaphika ukuthi le ngane ekaNkululeko. Ufunga uyagomela ukuthi le ngane eyakhe.
- ✓ Uthi uNkululeko uzophinda amshayele ucingo lapho esezomtshela ukuthi akayidedele ingane ngoba okwamanje usenza amalungiselelo okuyamukela azoyibika kwabakubo.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Uchaza ukuthini uNkululeko uma ethi uzomnamathela uThamsanqa njengenomfi?
2. Ingabe uThamsanqa uveza miphi imizwa ngenkathi ephendulana noNkululeko?
3. Yiluphi udaba uThamsanqa athi kufanele aluphenyisise?
4. Yikuphi okukhombisa ukuthi uNkululeko uyabusebenzisa ubuchopho njengoba esho kulesi sigcawu.
5. Yimaphi amazwiashiwo nguThamsanqa akhombisa ukusongela uNkululeko ngokwalesi sigcawu?

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SOKUQALA

ABALINGISWA ABATHOLAKALA KULESI SIGCAWU

- UMaMhlongo > umamezala kaPhindisiwe
- UThamsanqa > indodana kaMaMhlongo

ISIGCAWU NGAMAFUPHI

- ✓ UThamsanqa ushayela umama wakhe ucingo, kanti nomama wakhe ubefisa ukumshayela
- ✓ UMaMhlongo ubuza uThamsanqa ukuthi ukwazile yini ukubuza uPhindisiwe mayelana nengxoxo yabo noNkululeko, uThamsanqa uphendula ngokuthi umbuzile.
- ✓ UPhindisiwe uphike wema ngentaba, wacina esekhala izinyembezi.
- ✓ UThamsanqa utshela unina ukuthi baphikisane noPhindisiwe waze wambeka isandla.
- ✓ UMaMhlongo uyamkhuzisa uThamsanqa ngesenzo sakhe, nokho uThamsanqa yena uyazithethelela.
- ✓ UMaMhlongo ukhumbula ukuthi yena ubefuna ukushaya ucingo abikele uThamsanqa ngephupho aliphuphile likaZiphozonke.
- ✓ UMaMhlongo uphuphe uZiphozonke ethathwa uhlanya lubaleka naye lwaye lwayomphosa esizibeni esithile.
- ✓ UThamsanqa akaliqondi leli phupho, kodwa uthi naye usakhathazwa ngamazwi kaNkululeko amvalelise ngawo ethi ufuna uZiphozonke ngoba uyingane yakhe.
- ✓ UMaMhlongo uthi akubikelwe amaphoyisa ngalolu daba, kodwa uThamsanqa uthi usafuna ukuluhlolisisa kuqala.
- ✓ UThamsanqa uphetha ngokuthi uzofika ekhaya bezobonana noNkululeko njengoba uMathonsi ebenxuse ukuthi eze nabazali bakhe.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. UThamsanqa ngabe wayemshayelelani unina ucingo?
2. Hlaziya ngokuhlolisisa iphupho likaMaMhlongo elaze lambuyela kabili.
3. Leli phupho lixhumana kanjani nengozi eyagqenywa uThamsanqa sebehlukana ocingweni noNkululeko.
4. Kungani uThamsanqa engathandi ukuthi lolu daba luyobikwa emaphoyiseni?
5. Ngabe uMathonsi uyazi ngalolu daba okuxoxwa ngalo lapha?

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SESIBILI

ABALINGISWA

- uNkululeko
- USikela – Umngani kaNkululeko. USikela usekhahlelile ekhanda futhi uyindoda enesithunzi nesizotha. (usenezimvu/ izinwele ezimhlophe)
- UMaqoma > Umngani kaNkululeko.

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ Kukusihlwa kwaMathonsi, kukhona uNkululeko nabangani bakhe okunguSikela kanye noMaqoma bamphelezele.
- ✓ UNkululeko ukhombisa ukuba novalo ngalokhu kuhlasela emzini womuntu kodwa abangani bakhe bayamthethisa bathi akame isibindi ngoba kuphelezela yena.
- ✓ Bayahlela ukuthi njengoba sebeqalile nje abasenakubuyela emuva, uma behlaselwa nabo bahlomile.
- ✓ Kuvela nokuthi uNkululeko ufuna ukubuyelana noPhindisiwe ngoba ushadile noThamsanqa, uma sebebuyelene ufuna ukubulala uThamsanqa khona ezodla imali yakhe noPhindisiwe.
- ✓ OSikela noMaqoma nabo bayagcizelela kuNkululeko ukuthi akumele abakhohlwe uma izinto sezimhambela kahle. Naye uyathembisa ukuthi akasoze abakhohlwe, kuyohlukaniselwana umhlomulo lowo.
- ✓ Baphethe isitifiketi abazolutha ngaso uThamsanqa kanye nabazali bakhe.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ukuphi uNkululeko nabangani bakhe kulesi sigcawu?
2. Sizathu sini esenza ukuthi uNkululeko akhombise ukuba novalo?
3. Xoxa kafushane ngetulo likaNkululeko mayelana nokuthi abuyelane noPhindisiwe.
4. Bebezokwenzani laba bangani bakaNkululeko kubo kaThamsanqa?
5. Yisiphi isethembiso abathembisana sona uNkululeko nabangani bakhe?

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SESITHATHU

ABALINGISWA

- uMathonsi
- uThamsanqa
- uSikela
- UNkululeko
- uMaMhlongo
- uMaqoma

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ KukwaMathonsi umndeni kaMathonsi ungena kuleli gumbi lapho bekulinde khona uNkululeko nabangani bakhe.
- ✓ UMathonsi uyabingelela axolise ngokubalindisa. Ukhalaza nangokungabonakali kukaPhindisiwe lo okuhlangenwe ngaye.
- ✓ USikela naye ubonga ukwamukeleka, nokho ukhombisa ukudumala ukuzwa ukuthi uPhindisiwe akekho.
- ✓ UNkululeko yena uqhamuka esewudlame, egxeka ukuthi uPhindisiwe akekho okunguyena ongumgogodla walolu daba.
- ✓ UThamsanqa naye akazibeki phansi usho ukumbamba ngezandla uNkululeko ozogcwaneka akhulume ukuthanda kwakhe lapha kubo.
- ✓ UMathonsi noSikela bazama kukhuza uThamsanqa noNkululeko laba asebephakanyelwe ngumoya.
- ✓ UMaMhlongo naye uyelekelela ekukhuzeni abafana.
- ✓ USikela uyalwethula udaba abeze ngalo ngesizotha, ukuthi uPhindisiwe wayengumakoti wabo, baba nezinkinga nendodana, nabo njengabazali engakashoni unkosikazi wakhe bazama ukuxazulula inkinga kodwa kwanhlanga zimuka nomoya. Ugcina ngokweqa umakoti abangamazi ukuthi washonaphi.
- ✓ UThamsanqa ucasulwa nayilokhu kukhuluma ngokuzithoba kukaSikela kodwa uNkululeko yena ebe edelela.
- ✓ Udweshu luyakhula kuthi lapho uThamsanqa esethi ufuna ukushaya uNkululeko, afice esemkhombe ngesibhamu, bese ebohla.
- ✓ Aqhubeke nokudelela uNkululeko atshele uThamsanqa ukuthi uPhindisiwe uyinkosikazi yakhe ngoba wamshada kuqala esontweni nasenkantolo, amkhombise nesitifiketi somshado kanye nesithombe sakhe benoPhindisiwe mhla beshada esontweni. UNkululeko waphuma nabangani bakhe, basala bedidekile kwaMathonsi.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Ikuphi okukhombisa ukuzithoba kuMathonsi ekuqaleni kwalesi sigcawu?
2. Yini eyacasula uNkululeko ekuqaleni kwalesi sigcawu?
3. Xoxa udaba abeze ngalo kwaMathonsi oNkululeko kanye nahamba nabo.
4. Ibuphi ubufakazi obuphethwe ngoNkululeko bebulethe kulo muzi?
5. Isiphi isenzo esithuse uThamsanqa obesezimisele ukushaya uNkululeko?

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SESINE

ABALINGISWA

- **uMathonsi**
- **uThamsanqa**
- **uMaMhlongo**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ Umndeni kaMathonsi usala ukhungathekile yilezi zindaba eziza noNkululeko.
- ✓ UThamsanqa udumele futhi umthukuthelele uPhindisiwe, ubalisa nangothando amthanda ngalo kanti yena udlala ngaye, ubalisa nangezinkomo zakhe zelobolo.
- ✓ UMaMhlongo naye uzwakalisa ukuphoxeka ngesenzo sikaPhindisiwe.
- ✓ UMathonsi yena usenakho ukumzwela uPhindisiwe, ukhumbuza uMaMhlongo ukuthi lokhu afika uPhindisiwe ubeziphethe kahle abakaze baxabane.
- ✓ UMaMhlongo noMathonsi bacebisa uThamsanqa ukuthi lolu daba kumele alubike emaphoyiseni.
- ✓ UThamsanqa ubalisa ngesikhathi asichithile ondla uPhindisiwe kanye noZiphozonke, uMathonsi noMaMhlongo bayamkhuza ukuthi angayifaki ingane kulolu daba, bona basakholwa ukuthi kungamanga ukuthi ingane akusiyo ekaThamsanqa, baze baveze nokuthi ifana nomkhulu kaThamsanqa uManzezulu. Bayamgqugquzela ukuthi akasale esechitha amanzi ngomakoti, usemncane uyobuye amthole omunye.
- ✓ UThamsanqa ufuna ukuyofuna izinkomo zakhe zelobolo kwaMakhunga. Abazali bakhe bayamxwayisa ukuthi kufanele aqaphele ngoba akazi ukuthi lezi zigebengu zihlelani kumanje.
- ✓ UThamsanqa uqinisekisa abazali bakhe ukuthi bangakhathazeki, uzoya ekhaya, nasemaphoyiseni futhi angaya ayovula icala lokuthi uNkululeko umkhombe ngesibhamu.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Sizathu sini esenza ukuthi umndeni wakwaMathonsi utholakale udidekile ekuqaleni kwalesi sigcawu?
2. Yini ekhathaza kakhulu uThamsanqa mayelana nalolu daba olufike nomndeni kaNkululeko?
3. UMathonsi noMaMhlongo bamduduza bathini uThamsanqa mayelana nengane?
4. Kungani uThamsanqa efuna ukuya kwaMakhunga?
5. Bamluleka bathini abazali bakhe uThamsanqa?

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SESIHLANU

ABALINGISWA

- **UThamsanqa**
- **uNkumbulo**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UThamsanqa uxoxela umngani wakhe uNkumbulo ngenkinga emehlele yokuthola ukuthi uPhindisiwe washada akangehlukana ngaphambi kokuthi ashade naye.
- ✓ UNkumbulo akayikholwa lento kodwa uThamsanqa ufakazisa ngokumtshela ukuthi isitifiketi somshado usibonile.
- ✓ UNkumbulo usola ukuthi kungenzeka ukuthi izigebengu zaseGoli zifuna okuthile kuThamsanqa noPhindisiwe, akakholwa ukuthi lokhu abakushoyo kuliqiniso.
- ✓ UThamsanqa ucela ukuthi umngani wakhe amcebise ukuthi enze njani uma kunje. Uyakuveza nokuthi ekhaya bona bamcebise ukuthi kumele ayobika lolu daba kwabomthetho.
- ✓ UNkumbulo uyavumelana nalo mbono kodwa bese enezela ngokuthi endabeni kaZiphozonke kungakuhle ukuthi athole ummeli ozomcebisa.
- ✓ UThamsanqa ubalisa ngesenzo sikaPhindisiwe sokumfihlela indaba engaka, useze ungabaza nesizathu sokuvuma kwakhe ukushada naye, usola ukuthi kwakungelona uthando kodwa ukuthanda ukuzuza efeni lakhe.
- ✓ UNkumbulo ukhalela uThamsanqa ngobuhle bukaPhindisiwe nangendlela ebebethandana ngayo. UThamsanqa uyakubona lokho, nokho akusekho ukuphindela emuva.
- ✓ UNkumbulo uyamduduza uThamsanqa ngokuthi kube ngcono khona ukuthi ivele le mfihlo ngoba bekungenzeka agcine efa ngenxa yayo. Uma ebona indlela uThamsanqa

adabuke ngayo uze amtshela ukuthi lolu daba lusengalungiseka, bahlale phansi babhobokelane.

- ✓ UThamsanqa uyaveza ukuthi akulula lokho ngoba uPhindisiwe uhambile ekhaya, kanti nangaphambi kokuthi ahambe ubevele avuke indlobane uma kuphathwa lolu daba.
- ✓ UNkumbulo ucebisa uThamsanqa ukuthi aye kummeli ozomcebisa ukuthi kumele enze njani ngendaba yomshado kaPhindisiwe.
- ✓ UNkumbulo uyakuveza ukuthi yena uyamazi uNkululeko kanye nomndeni wakhe wonke, umkhumbuzo nangamantombazane abajwayele ukuhlangana nawo esitolo ngesikhathi samadina, uthi womabili angodadewabo bakaNkululeko.
- ✓ UThamsanqa naye useyakhumbula ngenkathi uPhindisiwe ebafica esitolo bemi nala mantombazane ukuthi wahlina kanjani, baze bacabanga ukuthi udliwa isikhwele.
- ✓ UThamsanqa usebuza uNkumbulo ukuthi wayengamtsheli ngani, kodwa uNkumbulo uyazihlangula ngokuthi wayengafuni ukubaxabanisa nokuthi abe isizathu sokuhlukanisa umuzi womngani wakhe.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Yini ekhathaza uThamsanqa ethinta umshado wakhe njengoba exoxela uNkumbulo?
2. Ngabe uNkumbulo uyakukholwa lokhu okushiwo nguThamsanqa? Sekela impendulo yakho.
3. Ngokusho kukaThamsanqa kungani kungelula ukuthi udaba lomshado wakhe lulungiseke?
4. Yikuphi okwethuse uThamsanqa okushiwo nguNkumbulo?
5. Ngokubona kwakho uNkumbulo ungumngani onjani ngokwalesi sigcawu? Sekela impendulo yakho.

INKUNDLA YESITHATHU: ISIGCAWU SESITHUPHA

ABALINGISWA

- **uMaKhangela**
- **uThamsanqa**
- **uPhindisiwe**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UThamsanqa ufika kwaMakhunga, umkhwekazi wakhe uMaKhangela uyacasuka ufuna ukumxosha.
- ✓ UThamsanqa wehlisa umoya kodwa kunhlanga zimuka nomoya. Uyamtshela ukuthi akamfuni ngoba ushaye ingane yakhe uPhindisiwe.
- ✓ Kusuka ingxabano phakathi kwabo, noThamsanqa usecasukile. UThamsanqa uyasho ukuthi uzocela izingane zakhe.
- ✓ UPhindisiwe uyala ukubuyela ekhaya. UThamsanqa uyamtshela ukuthi ubalekela lobu bugebengu nezimfihlo abehlezi phezu kwazo.
- ✓ UThamsanqa ucela imali yakhe alobola ngayo uma uPhindisiwe esethi akasabuyeli emzini wabo.
- ✓ UMaKhangela uyanqaba ukubuyisa imali yamalobolo.
- ✓ Aphume uThamsanqa kodwa abethembise ukuthi uyabuya, uma edlula ngakuPhindisiwe. uPhindisiwe uyambamba amnkonkoshele agcine ngokumqabula ekhanda, kodwa uThamsanqa athi akahlukane naye aphume.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Wayezokwenzani uThamsanqa kwaMakhunga?
2. Kwenziwa yini ukuthi angemukeleki kahle?
3. Ingxabano phakathi kukaMakhangela, uPhindisiwe kanye noThamsanqa idalwa yini?
4. Ucabanga ukuthi uPhindisiwe wayembambelani uThamsanqa ngesikhathi esephuma?
5. Kwakwenziwa yini ukuthi uPhindisiwe adamane ebheka ekamelweni uma ephendula uThamsanqa?

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SOKUQALA

ABALINGISWA

- **uPhindisiwe**
- **uNkululeko**
- **uMakhangelana**
- **uMaqoma**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UPhindisiwe usala kubo ebalisa ngoThamsanqa ezibuza ukuthi ingabe ukuzwile yini lokhu abekunyenyenza endlebeni yakhe.
- ✓ uNkululeko aphume ekamelweni ancome uMakhangelana ngokuxosha uThamsanqa, ngoba yena bese kuthi akamdubule.
- ✓ Athi uyazikhalela uPhindisiwe kuNkululeko kucace ukuthi akusizi lutho. UNkululeko ufuna ukuphelezela nguPhindisiwe kuyokwebiwa imali ebhange.
- ✓ UMaKhangela ubona isibhamu esikhulu esiphethwe uNkululeko, uyesaba usethi uPhindisiwe akenze konke athi uNkululeko akakwenze.
- ✓ UPhindisiwe naye usebeka umbandela wokuthi njengoba esonakalelwe izinto zakhe eziningi, ufuna ukuthi uma itholakala leyo mali naye athole umhlomulo.
- ✓ Kuyavela ukuthi uPhindisiwe ugcine evuma ukusiza uNkululeko ekwebeni imali ebhange ngoba ubemesabisa futhi esho nokudalula imfihlo yokuthi uZiphozonke owakhe akasiye okaThamsanqa.
- ✓ Kuyavela enkulumeni kaNkululeko ukuthi bahlangane noPhindisiwe esevele eshadile, uPhindisiwe wahlulwa ukulinda uThamsanqa obesahambile, wase eqoma uNkululeko.
- ✓ UMaKhangela uyahluleka ukuncenga uNkululeko ukuthi ahlukane noPhindisiwe. UNkululeko uthi wadonsa ejele iminyaka emithathu edonsela uPhindisiwe, waphinda waphelwa ngumsebenzi. Manje imali uzoyithathaphi ngoba noPhindisiwe ekhala engashayiwe nje.
- ✓ UMaqoma ugcizelela ukuthi akuhlelwe ukuthi usuku lwakusasa luzohamba kanjani.
- ✓ Ugcina ephuma uNkululeko ethi usayoxoxisana noKholekile, ushiya uMaqoma ukuthi agade uPhindisiwe.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Wayekuphi uNkululeko ngenkathi kuphuma uThamsanqa kwaMakhangelana?
2. Kungani uNkululeko ekhethe uPhindisiwe ukuthi amphelezele eyokweba imali ebhange?
3. Sizathu sini esenza ukuthi uMakhangelana avume ukuthi uPhindisiwe enze konke okushiwo nguNkululeko.
4. UPhindisiwe uyayithanda imali. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho.
5. Lalizogqezwa nini ibhange?

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SESIBILI

ABALINGISWA

- **uNkululeko**
- **uKholekile**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UNkululeko ubonana nentombi yakhe uKholekile.
- ✓ UKholekile usenga izindaba kuPhindisiwe bese ezitshela uNkululeko.
- ✓ UKholekile utshela uNkululeko ukuthi uPhindisiwe ugcine evumile ukubulala umyeni wakhe uThamsanqa ngoba ebona ukuthi ngeke esamxolela ngesenzo sakhe.
- ✓ UNkululeko uzama ukuthola kuKholekile ukuthi uPhindisiwe uzokwazi yini ukwenza lo msebenzi, angeke abajikele. Ukhathazwa nangukuthi umbone ekhala ngesikhathi kuphuma uThamsanqa.
- ✓ UKholekile uyamqinisekisa uNkululeko ukuthi ngeke uPhindisiwe abajikele aye emaphoyiseni ngoba usaba ukufa.
- ✓ UKholekile uyamazazi uPhindisiwe ukuthi unesilingo sokuthanda imali, nokuthi ubonile ukuthi umshado wakhe sewonakele, yingakho elivumile icebo lokuthi abulale uThamsanqa ukuze kube khona akutholayo kulo mshado. Okunye okwenze alivume icebo lokubulala umyeni wakhe ukuthi uke wabona isiphu kade ekhokha imali esishoyo ukuthi kusale malini.
- ✓ UKholekile uyakuveza ukuthi uPhindisiwe uyamthanda umyeni wakhe kodwa isimo siyamphoqa ukuthi abulale ngendlela esheshayo.
- ✓ UNkululeko uthi akazisoli ngokuhlukana noPhindisiwe, uma ezwa ukuthi usezimisele ukubulala umyeni wakhe osemfukamele iminyaka eminingi kangaka.

- ✓ Kuyavela engxoxweni kaNkululeko noKholekile ukuthi uNkululeko uhlose ukuthi uma sebeyitholile imali, bazombulala noPhindisiwe.
- ✓ Bazimisele ukuvuka ekuseni, ngehora lesi-6 bese uqala umsebenzi ukuze kuthi kuqambe kuyavulwa ibhange ngehora le-9 bebe sebeqedile.
- ✓ Kuyavela ukuthi izinyathelo zokuyyoqola ibhangi seziqalile, uNkululeko uthi oKhabalethu sebephambili, futhi sebeke bazama ukungena emzini kaSarah kodwa wanqaba ukubavulela.
- ✓ Bebezama ukungena ngetulo lokuthi basebenza enkampanini yezimoto, bezomazisa ngohlelo lokuthenga imoto ngaphandle kwediphozithi, bese ukhokha emva kwezinyanga ezithathu.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Wayezokwenzani uNkululeko kuKholekile?
2. Bahlobene ngani uNkululeko noKholekile?
3. Zithini izinhlelo mayelana nemali kaThamsanqa?
4. Zithini izinhlelo mayelana nokugqekeza ibhange?
5. Sizathu sini esenza uNkululeko angazisoli ngokushiya uPhindisiwe?

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SESITHATHU

ABALINGISWA

- uMaMhlongo
- uMathonsi
- uThamsanqa

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UMaMhlongo ukhathazwa ukubona uThamsanqa ekhathazekile. Usembuza ukuthi kwenzenjani.
- ✓ UThamsanqa useyasho ukuthi uke wavakashela kwaMakhunga eyofuna izinkomo zakhe.
- ✓ Uyamangala uMaMhlongo ukuthi angayenza kanjani into ezombeka engcupheni ngalolu hlobo.
- ✓ UMaMhlongo ubona kungcono ukuthi kuye yena kwaMakhunga ayofuna izinkomo.
- ✓ UThamsanqa uyaphawula ukuthi ngenkathi esephuma uPhindisiwe uye wambamba wahlebeza okuthile endlebeni kodwa akezwanga ukuthi ubethini. UMaMhlongo akanandaba nakho konke lokho ufuna kulandwe izinkomo.
- ✓ UMathonsi naye uyamsola uThamsanqa ngokuya kwaMakhunga. UMathonsi yena ubabonisa ngokuthi lolu daba lubikwe kwabasemthethweni. Kube inkantolo ezoluxazulula.
- ✓ UThamsanqa uthi kumele ayocela ummeli uMagangane ukuthi amhlomise ukuthi kwenziwa njani uma kunjje. Usetshela uMathonsi ukuthi ummeli ngenkathi emshayela ucingo uthe, isimo sokushada kabili asijwayelekile kodwa kuyenzeka ukuthi omunye umshado ube ngoweqiniso kanti omunye ungabi ngoweqiniso.
- ✓ Ngokommeli kufanele kuvulwe icala enkantolo yemantshi ukuze yona igunyaze ukuthi kwenziwe uphenyo. Uma ngempela isitifiketi somshado sikaNkululeko sisemthethweni kuyosho ukuthi lesi sakhe uThamsanqa asikho, ngakho siyodatshulwa. Lokho kusho ukuboshwa kukaPhindisiwe ngokukhohlisa nokuchithela uThamsanqa isikhathi.
- ✓ UMathonsi ubuza ukuthi uThamsanqa uzolivula nini icala. UThamsanqa uthi uzolivula maduze. Usebika nokuthi ukhathazwa umama wakhe othi uzovukela kwaMakhunga.
- ✓ UMathonsi uyamqinisekisa ukuthi uzompholisa umama wakhe ukuze angoni izinto ngokuya kwaMakhunga.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Yini eyayikhathaza uMaMhlongo?
2. Basho ngani ukuthi uThamsanqa udlala ngomlilo?
3. Isiphi iseluleko esanikezwa nguMathonsi mayelana nenkinga kaThamsanqa?
4. Sasithini iseluleko sommeli kuThamsanqa?
5. Uyixazulula kanjani uMathonsi indaba kaMaMhlongo osezimisele ukuvuka anikele kwaMakhunga eyofuna izinkomo?

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SESINE

ABALINGISWA

- uSarah
- uMaqoma
- uKhabalethu
- uPhindisiwe

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UMaqoma, uPhindisiwe kanye noKhabalethu bafika emzini kaSarah, bayangqongqoza, kuphendula uPhindisiwe ekhonjwe ngesibhamu.
- ✓ USarah uyavula ezwa izwi lomngani wakhe, esevulile kungena uMaqoma nesibhamu sebemkhombe ngaso, bafuna ukhiye wase bhangi.
- ✓ Ethukile asho ukuthi usekamelweni, bahambe naye uyolandwa.
- ✓ Sebewutholile, bayaleze uKhabalethu ukuthi ahlale agade uSarah, bona sebeqhubekela ebhange.
- ✓ UKhabalethu abuze ukuthi koqhubekani emva kwalokho, uMaqoma amyaleze ukuthi bazomthinta ukuthi abophe uSarah bese bemkhiyela endlini ukuze angakwazi ukushaya umkhosi beseseduze.
- ✓ Izintambo zocingo bazinqumile ngayizolo.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Kwenziwa yini ukuthi uSarah avule umnyango ekuseni ngovivi?
2. Yini ethusa uSarah emva kokuvula umnyango?
3. Izigebe ngu bezifunani emzini kaSarah?
4. Xoxa kafushane ngokuzokwenziwa kuSarah uma sebeyithathile imali.
5. Zilalephi izigebe emva kokuthi uSarah enqabile ukuzivulela ebusuku?

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SESIHLANU

ABALINGISWA

- uPhindisiwe
- uNkululeko
- umuntu wokuqala
- umuntu wesibili

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ UPhindisiwe noNkululeko basondela emnyango webhangi.
- ✓ UPhindisiwe ucela ukuthi uNkululeko ambeke isibhamu emhlane ukuze kubonakale kukhamera ukuthi uphoqiwe.
- ✓ UNkululeko uyacasuka ukuthi uPhindisiwe akashongo ngani ngaphambi kwesikhathi ukuthi kunekhamera khona izocishwa.
- ✓ Bayangena, uPhindisiwe acishe i-alamu.
- ✓ Sebengenile uPhindisiwe amkhombise isisefo avule amkhombise amasaka emali, uNkululeko ayibone incane ingamenelisi, athi akamkhombise enye.
- ✓ UPhindisiwe amvulele esinye isisefo lapho kugcinwa khona imali ye-ATM. Ajabule uNkululeko ayilayishe emgodleni wakhe.
- ✓ Ngaphandle sekukhona abantu ababefuna ukukhipha imali ku-ATM, bathi bafaka amakhadi kungaphumi lutho. Lokhu kwabasolisa ukuthi kukhona okushaya amanzi, omunye washayela amaphoyisa ngo-10111
- ✓ UNkululeko ushayela laba abagade uSarah ukuthi sebengambopha bese beya lapho kuyohlukaniswa khona imali.
- ✓ UNkululeko ubopha uPhindisiwe qede aqhelise ncingo eduze kwakhe. Wase emshiya wamyalela ukuthi imoto yakhe bazoyishiya eLudex Service Station kanye nezikhiye zayo.
- ✓ UPhindisiwe esesele yedwa akhumbule ukuthi kukhona enye imali esale ngenkathi eyifaka ku-ATM. Imali eyizinkulungwane azingamakhulu amabili amarandi. Wazibona engaphuma otakwini lwezikweletu uma engase ayithole le mali. Nempela waziqaqa waya kuyo.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Yikuphi okuxabanise uPhindisiwe noNkululeko ngaphambi kokuthi bangene ebhangi?
2. Yikuphi okuxabanisile sebengaphakathi ebhangi?
3. Ngabe uNkululeko uwagwema kanjani amakhamera asebhangi.
4. Yini eyasolisa abantu ababezokhipha imali ukuthi cishe kukhona umkhonyovu okhona?
5. UNkululeko ebembophelani uPhindisiwe ngenkathi esehamba?
6. Yikuphi okukhombisa ukuthi uPhindisiwe uyayithanda imali kulesi sigcawu?
7. Ngabe uNkululeko nabangani bakhe baphumelela ukubaleka nemali? Sekela impendulo yakho.

INKUNDLA YESINE: ISIGCAWU SESITHUPHA

ABALINGISWA

- **Iphoyisa**
- **umantshi**
- **umshushisi**
- **inkantolo**
- **uPhindisiwe**
- **uThamsanqa**

Isigcawu Ngamafuphi

- ✓ Ukuqulwa kwecala nokukhishwa kwesigwebo sabantu abagqekeze ibhangi.
- ✓ Umshushisi ubikela inkosi yenkantolo ukuthi uthola uNkululeko Gubhela, uMaqoma Khuzwayo, uKhabalethu Khabethula kanye noSikela Sigodlo benecala lokuthumba umndeni wakwaMakhunga, ikakhulukazi uPhindisiwe Mathonsi, ngoba kwaziwa ukuthi uyena osebenza ebhange.
- ✓ Icala lesibili elabalahla elokuvalela unkosazana Sarah Makhutha ukuba ungakwazi ukuya emsebenzini.
- ✓ Icala lesithathu, elokweba imali yabatshali zimali egcinwe ebhangi.
- ✓ Umshushisi ucela ukuthi imantshi ibanikeze isigwebo esiqatha ngoba bahlukumeze abantu besifazane, bebakhomba ngesibhamu bebe bengenabungozi kubo.
- ✓ Umshushisi ubeka uPhindisiwe icala lokuthi naye ubonakala eneqhaza alibambile ekubambeni inkunzi. Wathwebulwa yikhamera yasebhangi eyothatha imali eyase isele.
- ✓ Ofakazi abaqavile kwakunguKholekile Maqubu kanye noSarah Makhutha.

- ✓ UNkululeko wagwetshwa iminyaka engama-30, iminyaka engama-20 wayidonsa ejele esebenza kanzima. UMaqoma, uSikela kanye noKhabalethu bagwetshwa iminyaka engama-20 kodwa iminyaka elishumi yalengiswa.
- ✓ UPhindisiwe wagwetshwa iminyaka eyisikhombisa kwathi emithathu yalengiswa.
- ✓ UThamsanqa uthola incwadi ebhalwe nguPhindisiwe exolisa, kubhalwe nenkondlo ayibhalele uThamsanqa ekhombisa ukuzisola.

IMIBUZO EHLOLA UKUQONDISISA LESI SIGCAWU

1. Bhala amacala athweswe uNkululeko nabangani bakhe.
2. Kungani uPhindisiwe naye etholakale enecala?
3. Sibe yini isigwebo sikaNkululeko?
4. Sibe yini isigwebo sabangani bakaNkululeko?
5. Yikuphi okufakazela ukuthi uPhindisiwe ubemthanda uThamsanqa ngokwalesi sigcawu?
6. Yikuphi okufakazela ukuthi uThamsanqa ubemthanda uPhindisiwe ngokwalesi sigcawu?

IS AHLUKO SESI-3

AMASU OKUHLUZA NJENGOBA ESETSHENZISWE KULO MDLALO

INDIKIMBA

Indikimba umongo wendaba, ibheka umqondo jikelele noma lokho indaba ekhuluma ngakho. Indikimba ingethulwa ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama.

Kulo mdlalo indikimba **ubugebengu/ uthando lwemali/ ukungathembeki**. Indaba yonke ikhuluma ngobugebengu obenziwa nguNkululeko ngenxa yokuthanda imali. Ugcina esefake noPhindisiwe enkingeni yokuphelelwa ngumendo nokuboshwa.

Kukhona ukungathembeki okuningi okwenziwa ngumlingiswa ongummeleli kanye nomlingiswa oyimbangi. UPhindisiwe ukhombisa ukungathembeki kuThamsanqa, uthandana noNkululeko ebe eshadile. UNkululeko ukhombisa ukungathembeki kuPhindisiwe ngokuthi adalule izimfihlo ababevumelene ukuthi bazozigcina phakathi kwabo. uMaKhangela naye ukhombise ukungathembeki kwabakwaMathonsi ngenkathi kulotsholwa uPhindisiwe, uyabafihlela ukuthi uPhindisiwe unezingane. Nawe mfundi ungazibhekela ezinye izibonelo zokungathembeki.

UMYALEZO

Umyalezo yilokho umbhali ahlose ukukwedlulisela kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe. Kungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukufundisa ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.

Imiyalezo ingahlukana izinhlobo ezimbili:

- Umyalezo ohambisana nencwadi yonke.
- Umyalezo oyamaniswa nabalingiswa abathile

Izibonelo zomyalezo ohambisana nencwadi yonke

- Ubugebengu abubuyiseli
- Ingalo yomthetho yinde.

Izibonelo zomyalezo oyamaniswa nomlingiswa othize

- Ikhiwane elihle ligcwala izibungu. (uPhindisiwe)
- Akukho okufihliwe okungayikuvela. (uPhindisiwe)

Izibonelo zomyalezo walo mdlalo ezichaziwe:

- Akukho okufihliwe okungayikwambulwa:

UPhindisiwe sithola ukuthi buningi ubugebengu abenza ngokuhlangana noNkululeko okuhlanganisa nokusulela uThamsanqa ngengane okungeyona eyakhe uZiphozonke. Lokhu bekugcineke kuyimfihlo phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko. Ekugcineni kuvela kabuhlungu kuThamsanqa nasemndenini wakubo kwaMathonsi lapho egane khona uPhindisiwe. Kugcina kumhlukumeza kuchitheka nomendo wakhe uPhindisiwe, kuphetha ngokuba angene ejele.

- Ingalo yomthetho yinde:

UNkululeko ubebuhlele kahle ngobukhulu ubunyoninco ubugebengu bakhe bokuyokweba imali yasebhange ngokusebenzisa isihluku ephoqa uPhindisiwe ukuba amelekelele kulobu bugebengu. Ekugcineni esethi useqede konke nemali eseyitholile, amaphoyisa ayambamba, uyaboshwa, uthola isigwebo seminyaka engamashumi amabili ejele.

(Nawe mfundi ungazibhekela ezinye izibonelo zemiyalezo etholakala kulo mdlalo.)

UDWESHU

Luyini udweshu?

Ngodweshu kuqondwe ukungqubuzana phakathi kwemibono yabalingiswa ababili noma ngaphezulu kumbe kuyena eyedwa. Udweshu silwehlukana kabili: olwangaphakathi nolwangaphandle.

Udweshu lwangaphakathi

Lapha kusuke kungqubuzana imicabango yomlingiswa edliwa umzwangedwa ngento ethile.

- Udweshu lwangaphakathi siluthola kumlingiswa uMaMhlongo ngenkathi eshayela uThamsanqa ucingo kepha kutholakale ukuthi ucingo alubanjwa muntu. Lokhu kwamphatha kabi kakhulu. **(Ikhasi lama-25)**
- Luyatholakala udweshu lwangaphakathi lapho uThamsanqa ekhuluma yedwa ngenkathi ethi uzama ukubamba ucingo, uNkululeko wamane waluvala ngesankahlu. **(Ikhasi lama-26)**
- UPhindisiwe uyacabanga ukuthi amtshele yini uThamsanqa ngenkinga abhekene nayo noma angamtsheli. Uphetha ngokuthi abone kungcono ukuba angamtsheli. **(Ikhasi lama-30)**
- Luyatholakala udweshu lwangaphakathi kumlingiswa onguThamsanqa ngesikhathi ecabanga indlela uPhindisiwe aseziyona. Umbona esejikile okumenza acabange ukuthi ikhona into enkulu amfihlela yona. **(Ikhasi lama-32)**

Udweshu lwangaphandle

Udweshu lwangaphandle lutholakala phakathi kwabalingiswa uma bengaboni ngaso linye. Udweshu lwangaphandle lungaba phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu.

- Lo mdlalo uvula ngodweshu phakathi kukaNkululeko kanye noPhindisiwe. UNkululeko ufuna babuyelane umkhumbuza nangezivumelwano zabo. **(Ikhasi lesi-9)**
- UNkululeko uxabana noMathonsi kanye noMaMhlongo ngenkathi ezobatshela ngezingane zakhe ezisiswe kuThamsanqa. **(Ikhasi le-14)**
- UThamsanqa uxabana noPhindisiwe ngocingo olungena ebusuku angafuni ukulubamba. **(Ikhasi lama-27)**
- UNkululeko uxabana noMathonsi kanye noMaMhlongo ngenkathi ebuya okwesibili ezokhuluma indaba kaPhindisiwe. **(Ikhasi lama-40)**
- UNkululeko uxabana noThamsanqa ngenkathi emfonela emtshela ngonkosikazi wakhe amthathile. Umtshela ukuthi izinkomo amlobola ngazo ziyokhokhwa uyena. **(Ikhasi 52)**
- UThamsanqa uxabana noMakhangelana ngenkathi eye kwakhe eyofuna izingane zakhe. UThamsanqa uze abatshele ukuthi ufuna imali yakhe yelobolo. **(Ikhasi lama-78)**

QAPHELA:

Lukhona nolunye udweshu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle okuzodingeka ukuba umfundi azitholele lona. Okubalulekile ukuba lolu dweshu kumele luhambisane nokwenzeka encwadini.

ABALINGISWA EMDLALWENI:

Abalingiswa yilabo bantu abasetshenziswa umbhali ukudlulisa imicabango yakhe endabeni. Abalingiswa abantu ababamba iqhaza elibalulekile endabeni. Kumele benze izinto ezikholekayo okungaba ukukhala, ukudinwa, ukuhleka njl.

Umbhali usebenzisa umlingiswa othile ukuba kube nguye othwala imicabango eminingi endabeni. Le micabango uyethula ngezenzo, ukucabanga kanye nokuxhumana nabanye. Lo mlingiswa ubizwa **ngeqhawe / ummeleli**. Zonke izigigaba /izigameko /izehlakalo zehlela yena. Lo mlingiswa kumele asheshe avele endabeni. Uyaye azame ukwenza imizamo yokuxazulula leyo nkinga asuke abhekene nayo.

Umlingiswa ongummeleli / oyiqhawe: UPhindisiwe

Kulo mdlalo umlingiswa oyiqhawe nguPhindisiwe. Nguyena esimthola enenkinga enkulu kulo mdlalo. Lokhu kuqala ngokungena kocingo olushaywa nguNkululeko.

UNkululeko utshela uPhindisiwe ukuba kumele babuyelane njengoba bake bathandana phambilini ngaphambi kokuba uNkululeko aboshwe. Uma uPhindisiwe engavumelani nalokho, uNkululeko umkhumbuza ukuthi uphuma ejele nje kungenxa yakhe uPhindisiwe (**Imfihlo yoku-1: uPhindisiwe washayisa ingane yashona kepha icala lathwalwa nguNkululeko**).

(**Imfihlo yesi- 2: Uphinde amyalele ukuba kuzomele abuyise ingane yakhe eyasiselwa uThamsanqa, naye uThamsanqa akazi ukuthi le ngane (uZiphozonke) akusiyo eyakhe**)

Zombili lezi zimfihlo ziqukethe isisusa sodweshu.

UPhindisiwe ulwa nendlela yokuthi lezi zimfihlo zinganelwa izwe. Konke lokhu kuhamba kuvele ngoba uNkululeko uya kubabezala kaPhindisiwe uMathonsi ukuyofuna okungokwakhe okudukileyo. Umdlalo uphetha ngokuba uPhindisiwe angene esilingweni sokwenza ubugebengu kanye noNkululeko. Bakhalelwa amasongo kaSigonyela bonke.

Umlingiswa oyimbangi: UNkululeko

Lona umlingiswa ophikisana nokuphumelela kommeleli / iqhawe. Umlingiswa oyimbangi kulo mdlalo uNkululeko. Uyena olwa nokuphumelela kommeleli. Lokhu kuchaphazela enhlalweni enhle phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe. Lo mlingiswa wenza ngazo zonke izindlela ukudunga ukuthula kulo mndeni.

Ukuvezwa Kwabalingiswa

- Abadlali (abalingiswa) emdlalweni bazethula bona ngenkulumo-mpendulwano.
- Kuyenzeka futhi bethuleke ngencazelo esiyithola kunkulumo-mpendulwano yabanye abadlali.
- Izenzo zakhe nendlela acabanga ngayo kuyamethula umdlali.
- Umlandi kuyenzeka kube nguyena osethulela abadlali nezimpawu zabo emdlalweni.

Izibonelo kulo mdlalo: Iningi labadlali lizethula lona ngenkulumo-mpendulwano nangezenzo zabo kanje:

- **UPhindisiwe:** Ungumlingiswa (umdlali) ongathembekile. Ubunjalo nezimpawu zakhe kwethuleka kunkulumo-mpendulwano phakathi kwakhe noNkululeko lapho sithola khona ukuthi kukhona okungalungile ngaye ayekufihlile kumyeni wakhe uThamsanqa ukuze agcine emshadile. Indaba kaZiphozonke nezinye izenzo zobugebengu okuzwakala ukuthi wazenza zimveza njengomlingiswa ongathembekile.
- **UNkululeko:** Ungumlingiswa (umdlali) oyisigebengu futhi onesihluku esiyisimanga. Lokhu sikuthola ngamagama awakhulumayo kunkulumo-mpendulwano abandakanyeka kuyona nabazali bakaThamsanqa ebesabisa ngokubadubula, kanjalo futhi nakuPhindisiwe naye emsongela ngokumbulala.
- **UThamsanqa:** Wethulwe njengomlingiswa onothando lomkakhe nengane yakhe. Lokhu kuvela kunkulumo-mpendulwano phakathi kwakhe nomkakhe uPhindisiwe nakubazali bakhe ngesikhathi esekhaya kubo bembuza ukuthi uyamethemba yini umkakhe. Uzwakala futhi enokukhathazeka ngendodana yakhe uZiphozonke okubonakala sengathi ayisaphephile kuNkululeko olokhu ebelesele ngokuthi uyingane yakhe.
- **UMathonsi:** Ungumlingiswa (umdlali) ongazithatheli izinto phezulu, onothando ngomakoti wakwakhe futhi oyigagu lokukhuluma. Konke lokhu kuvela ngenkulumo-mpendulwano phakathi kwakhe noMaMhlongo unkosikazi wakhe lapho bebhunga udaba lukaNkululeko.

UMathonsi wehlisa ulaka kuThamsanqa ngesikhathi bexoxa bodwa bengumndeni ngendaba yomkakhe uPhindisiwe kanye nalapho behlangene noNkululeko nayefike nabo kwaMathonsi.

- **UMaMhlongo:** Ungumlingiswa (umdlali) othathela izinto phezulu nangolaka. Nangu phela esho ukumqeda uNkululeko ngesikhathi egcwaneka emzini wabo ngosuku lokuqala. Siphinda simthole futhi efunga egomela ethi yena uzongena nezicabha kwaMakhunga ayofuna imali yelobolo lengane yakhe. Konke lokhu kuvela ngenkulumo-mpendulwano phakathi kwakhe noNkululeko kanjalo futhi naphakathi kwakhe noThamsanqa kanye nomyeni wakhe uMathonsi ngesikhathi uThamsanqa ebabikela njengabazali bakhe ukuthi uhambe kanjani kwaMakhunga.

Abalingiswa (abadlali) abancane:

- UKholekile: Intombi kaNkululeko ebambe iqhaza elikhulu etulweni lokusetshenziswa kukaPhindisiwe ukuba kutholakale imali yasebhange. Uyiphixiphixi, uthi engumngani kaPhindisiwe aphinde athuthe izindaba ngoPhindisiwe ezithuthela uNkululeko. Ugcina futhi esengufakazi ecaleni lokweba imali yebhangi likaNkululeko noPhindisiwe.
- UNkumbulo: Umngani kaThamsanqa abasebenza naye. UNkumbulo uvezwe njengomngani oqotho okwaziyo ukululeka umngani wakhe uma esenkingeni. Siyamthola ethi uThamsanqa akathole ummeli ozomeluleka mayelana nokushada kukaPhindisiwe imishado emibili. Wazama ukumxwayisa nangesikhathi uThamsanqa ejaha ukushada noPhindisiwe wathi angajahi ukushada.
- USarah: Umngani kaPhindisiwe abasebenza naye ebhange.
- UMaKhangela: Unina kaPhindisiwe. Umkhwekazi kaThamsanqa. Uvezwe njengomama ongenalo iqiniso. Uvuna ingane yakhe ezintweni ezimbi ezenzayo. Wayazi ukuthi uPhindisiwe unezingane kodwa wangabatshela abakwaMathonsi ngenkathi belobola. Wayazi futhi nangecala likaPhindisiwe lokushayisa ingane ngoba uyena owakhokhela uNkululeko imali ukuze icala lithwalwe nguye.
- UMaqoma noKhabalethu: Abangani bakaNkululeko abamelekelela ekuthini azuze umcebo ngokusebenzisa uPhindisiwe.
- USikela: Umngani kaNkululeko owayesebenza emnyangweni wezasekhaya, wamsiza ukukhanda isitifiketi somgunyathi waphinda walekelela ekubambeni inkunzi. Uvezwe njengobaba osekhulile kodwa oyisigebengu, simthola ezenza ubaba kaNkululeko ngenkathi beyolutha abakwaMathonsi bebakhombisa isitifiketi somgunyathi.

Abalingiswa abethuleka ngenkulumo-mpendulwano engabandakanyi bona:

- **UZiphozonke:** Likhulu iqhaza elibanjwe nguZiphozonke kulo mdlalo nakuba kungekho lapho simthola ebandakanyeka khona kunkulumo-mpendulwano. Konke okuthinta yena sikuthola ngenkulumo-mpendulwano ebandakanya abanye abalingiswa njengokuthi uzalwa nguNkululeko ngokweqiniso, nokuthi wazalwa kanjani, wondliwa ngubani njalonzalo.
- **UNokuzola:** Uvela ngenkulumo-mpendulwano phakathi kukaNkumbulo noThamsanqa. UNkumbulo utshela uThamsanqa ukuthi uNokuzola ungodadewabo kaNkululeko.
- Abanye-ke abalingiswa sibashiyela wena mfundi ukuba ubahlaziye nawe ngendlela yakho bese usekela njengoba kwenziwe ezibonelweni ezingenhla.

UKULANDELANA KWEZIGAMEKO

- ✓ Ukuxabana kukaNkululeko noPhindisiwe bebanga imali kanye nengane uZiphozonke.
- ✓ Umbango wezimfihlo phakathi kukaNkululeko noPhindisiwe okuyingane eyashayiswa ngemoto yashona icala lathwalwa nguNkululeko kanye nengane ayisulela kuThamsanqa okunguZiphozonke.
- ✓ UNkululeko ufuna okungokwakhe ngoshova kwaMathonsi baze bafune ukumshaya ngoba bethi uyadelela.
- ✓ UNkululeko ubuyela okwesibili kwaMathonsi nobufakazi-mbumbulu bokuthi bashadile benoPhindisiwe.
- ✓ UMathonsi uxabana noMaMhlongo babanga ukuthi akamshayeli ngani ucingo uThamsanqa ngokushesha ukumazisa ngodaba obelulethwe uNkululeko. uThamsanqa ubanga noPhindisiwe ucingo olungaphendulwa uma elubamba yena.
- ✓ Ukuphendula kukaPhindisiwe ucingo maqede alubeke phansi uma kuqhamuka uThamsanqa.
- ✓ UPhindisiwe ukhwela uyadilika kumamezala wakhe uMaMhlongo ukhipha izimfihlo yena ebe ethi ukhuluma noNkululeko.
- ✓ UMathonsi uxabana noNkululeko uze ambuze ukuthi uzochwensa yini nanamuhla.
- ✓ UNkululeko uxabana noThamsanqa ocingweni babanga uPhindisiwe lona athi uNkululeko naye ungunkosikazi wakhe.
- ✓ Iphupho likaMaMhlongo elingoZiphozonke nohlanya.
- ✓ UThamsanqa ekwaMakhangela ethi ufuna izingane zakhe.
- ✓ Itulo likaNkululeko lokuqola ibhangi nayebambisene nabo.
- ✓ Ukugqezekwa kwebhange.
- ✓ Ukuboshwa nokugwetshwa kwabo

QAPHELA: Nawe mfundi usengazithola ezinye izigameko ngokufunda incwadi.

ISIGAMEKO ESIFIHLELWE UMDLALI OKUNGABA UMMELELI NOMA OMUNYE NJE UMDLALI:

Lokhu kusho ukufihleka kwesigameko esithile kummeleli womdlalo kumbe kwabanye nje abadlali emdlalweni ngenhloso yokuba kubambezeleke umdlalo.

Leli ngelinye lamacebo asetshenziswa ngumbhali ukwenza uheho endabeni yakhe, nokuyenza ikwazi ukuqhubeka isikhathi eside, ingasheshi inqamuke kepha ikhule ize ifike kuvuthondaba.

Isibonelo: Kulo mdlalo sithola isigameko seqiniso lokuzalwa kukaZiphozonke ebesifihlakele kuThamsanqa. Kutholakala ukuthi wayezalwa nguNkululeko kepha bavumelana noPhindisiwe ukuba asulelwe kuThamsanqa. Ukuba lesi sigameko esenzeka ngaphambi kwendaba sasheshe sambuleka kuThamsanqa, ngabe le ndaba ayikaze iqale kwakuqala ngoba siyingxenye yesisusa sodweshu phakathi kukaNkululeko noPhindisiwe nokuyilona olubhebhethekayo luphikelele kuvuthondaba.

Ziningi-ke nezinye izibonelo zezigameko ezifihlakele kwabanye abadlali kulo mdlalo ezingatholakala uma umfundi ehlaziya umdlalo. Lokhu-ke sikushiyela wena mfundi ukuba uziqagule bese wesekela ngokusendabeni.

UMathonsi nomkakhe uMaMhlongo bafihlelwe ukuthi uPhindisiwe akakaze ashade noNkululeko.

QAPHELA: Usuyozitholela ezinye izigameko ezifihlelwe abalingiswa abathile.

ISAKHIWO SOMDLALO

Isakhiwo somdlalo siwukubumbeka kwendaba kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. Kubhekwa ukuthi umdlalo uqala kuphi uze uphele kuphi.

Amabanga Esakhiwo

Isethulo

- Ukwethulwa kommeleli
- Indawo lapho umdlalo wenzeka khona
- Isisusa sodweshu/ inkinga yeqhawe lomdlalo

Umzimba

- Ukubhebhetheka kodweshu
- Isixakaxaka
- Uvuthondaba

Isiphetho

- Kungaba khona ingwijikhwebu
- Kungaba khona upholavuthonda

Isethulo

Lapha sethulelwa ummeleli, isisusa sodweshu kanye nendawo lapho umdlalo udlalelwa khona. Umfundi uvezelwa nabalingiswa abasemqoka njl. Inkinga yomlingiswa iyethuleka nayo kuleli banga.

Isibonelo: Emdlalweni othi, Ubhuku Lwamanqe' sethulelwa abalingiswa abasemqoka uPhindisiwe (ongummeleli / iqhawekazi) kanye noNkululeko (imbangi).

Isisusa sodweshu: Udweshu lusuka ngenkulumo-mpendulwano phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko bebanga izimfihlo eziphakathi kwabo. UNkululeko usabisa uPhindisiwe ukuthi uzozidalula uma engamniki lokhu akufunayo. Uze ambalisele ngecala angalenzanga alithwala. Kule nkulumo mpendulwano uPhindisiwe usebhange *iForum*.

Umzimba:

Ukubhebhetheka Kodweshu

Kuleli banga udweshu olusuke esethulweni luqhubeka njalo umlingiswa ezama ukuxazulula izinkinga zakhe kuze kuyofika kuvuthondaba. Ngaleyo ndlela kudaleka izigameko ezehlukene zixhumane njalo zikhulisa umdlalo kuze kudaleke isixakaxaka.

Isibonelo: Udweshu olusuke esethulweni somdlalo phakathi kommeleli uPhindisiwe nembali uNkululeko luyabhebhetheka, lukhule luze kufike ezingeni lokuba uPhindisiwe axabane noThamsanqa kubangwa ucingo uPhindisiwe alubeke phansi ngenkathi uThamsanqa eqhamuka. UThamsanqa wayefuna ukwazi ukuthi ubani lo omfonela ebusuku kangaka. Kuba muncu endlini ngoba uPhindisiwe akafuni ukukhuluma iqiniso uvesane akhale.

Isixakaxaka:

Lapha-ke izinto azisaqondakali ukuthi zizothatha yiphi indlela. Kuxabene ubendle, umfundi wencwadi usedidekile ngempela, nemibuzo esuke isisekhanda lakhe mayelana nokuzolandela endabeni isimningi kakhulu. Ilukuluku lokufunda nalo futhi lisuke selikhule ngokunye amaphaphu esephezulu, kungasavumi ukuthi ayibeke phansi incwadi. Indaba isuke isiphezulu iphikelele kuvuthondaba lapho kugqabuka khona igoda.

Isibonelo: Isikhathi lapho uNkululeko esengaphakathi ebhange, isamba semali abesilindele kungasabi yilesi abesicabanga sidala ukudideka kumfundi wencwadi ukuthi kuzokwenzakalani. Ngabe uzombulala uPhindisiwe njengoba elandula nje ethi ayikho enye imali ngaphezu kwalena? Khona lapho kwethuleka abanye abadlali okungabantu abazokhipha imali nabezwakala bekhuluma ngaphandle, bebalisa ngemali yabo engaphumi emshinini wemali. Udideka kakhulu manje ofundayo. Bazophuma kanjani oNkululeko noPhindisiwe njengoba sekukhona abantu abazobabona nje? Nampa futhi laba bantu beshayela amaphoyisa, bempimpa ukuthi kukhona okusoleka njengobugebengu obenzekayo lapha ebhange. Lezi zigameko zenza kube nesixakaxaka kofundayo, angabe esaqonda ukuthi umdlalo uzothatha muphi umgudu. Likhula kakhulu manje ilukuluku kofundayo. Ufisa ukwazi ukuthi kuzophetha kanjani. Ngabe uzophumelela ukuhamba nemali uNkululeko? Amaphoyisa azokwazi ukumfica engakahambi? Akuzosuka uthuli lwezichwe njengoba naye uNkululeko ehlome ezingovolo nje?

Isu lokujejeza:

Leli isu elisetshenziswa umbhali ukusikhumbuza izinto ezenzeke phambilini. Umbhali usuke esivezela izinto ezenzeke indaba ingakaqali noma isigameko esingavezwanga endabeni kodwa esinomthelela kulokhu okwenzeka ngaleso sikhathi.

Isibonelo:

- ✓ UMathonsi uxoxa nonkosikazi wakhe uMaMhlongo umbuza ukuthi usakhumbula yini ebuza uThamsanqa ngale ntombazana yakwaMakhunga ukuthi uyayazi yini? **(Ikhasi lama-24)**
- ✓ UNkumbulo ukhumbuza uThamsanqa indlela ahlina ngayo uPhindisiwe ngenkathi ebafica bemi esitolo bebobabili. **(Ikhasi lama-73)**
- ✓ UThamsanqa ukhumbula ngosuku abashada ngalo noPhindisiwe. **(Ikhasi le-101)**

Isu lokubikezela:

Leli isu lombhali lokusivezela kafushane isigameko esizokwenzeka singakenzeki. Kwesinye isikhathi akubi isigameko kodwa isimo sezulu esibikezela okuthile.

Isibonelo:

Iphupho elaphushwa uMaMhlongo laze labuya kabili lapho ayephupha khona uhlanya luqukula uZiphozonke luthi ingane yalo layoziphonsa kwelikhulu ihlozi elengame isiziba sikamaminzela. Leli phupho lalichaza okwakuzokwenzeka phakathi kukaPhindisiwe noThamsanqa. **(Ikhasi lama-57)**

Uvuthondaba:

Lesi isicongo sendaba. Yonke imibuzwana esuke idide umfundi iyaphenduleka. Ngabe uyaphumelela noma akaphumeleli umlingiswa ongummeleli / oyiqhawe emizamweni yakhe?

Isibonelo: Uvuthondaba ukuboshwa kukaPhindisiwe, uNkululeko, uSikela, Khabalethu kanye noMaqoma emva kokuba betholakale bebamba inkunzi.

ISIPHETHO: Lapha umdlalo usuke usuphethwa. Lo mdlalo uphethwe ngebohlololo uPhindisiwe, uNkululeko, uSikela, Khabalethu kanye noMaqoma bagcina ngokugwetshwa. UPhindisiwe kukhona nencwadi ayibhalele uThamsanqa eveza ukuzisola.

- **ISAKHIWANA**

Siyindaba ephelele etholakala ngaphakathi endabeni enkulu. Abanye bangasifanisa nendaba emfushane etholakala emdlalweni ophelele. Le ndatshana kumele ibe nomlingiswa osemqoka. Idingida isigameko esisodwa. Okuye kuqapheleke ukuthi le ndatshana etholakala emdlalweni ayilandelani njalo ize iyofika ekugcineni. Kungenzeka-nje uthole indatshana ephelele isuka ekuqaleni ize iyofika ekugcineni. Okubalulekile kakhulu ukuthi isakhiwana lesi sinokuxhumana okukhulu nomlingiswa osemqoka. Angevele yena siqu sakhe kulesi sakhiwana kodwa kusuke kukhona ukuthinteka kwakhe ngandlela thile.

Isibonelo: Ukufika kukaNkululeko kwaMathonsi ezodalula imfihlo kaPhindisiwe.

IQHAZA LOMLANDI EMDLALWENI

Umlandi emdlalweni wenza umsebenzi owehlukile kowenoveli ngoba phela umdlalo wethulwa ngabadlali ngenkulumo-mpendulwano nangezenzo ezithile.

Iqhaza lomlandi emdlalweni kuba ukwethula izinkundla nezigcawu ngokwethula abadlali abatholakala kuleyo nkundla kumbe isigcawu, udaba abaxoxa ngalo, indawo abatholakala kuyona kanye nazo zonke izinto ezitholakala kuleyo nkundla kumbe isigcawu. Lapha-ke umlandi uyasho ngasekuqaleni kwenkundla noma isigcawu ukuthi sithola laba badlali, besendaweni ethile, bexoxa ngalolu daba. **Lokhu kubizwa ngemilayezo yokuzokwenzeka enkundleni.**

***Isibonelo:** (Kusemzini wakwaMathonsi. Bahlezi phezu kombhede abazali bakaThamsanqa bangqumuza le ndaba kaNkululeko.)*

Omunye umsebenzi/ iqhaza lomlandi emdlalweni ukusichazela ngesimo sabadlali ngesikhathi bebandakanyeke kunkulumo-mpendulwano njengokujabula, ukucasuka, ukwethuka njalonzalo. Lokhu ukwenza ngokuhlela amazwi akubakaki ahambisana nenkulumo yomdlali ngamunye ukuze sibe nesithombe sesimo sakhe.

Isibonelo: PHINDISIWE: (Ebabaza)Waze wayiphela endlebeni Nkululeko! Ngakutshela ukuthi okwakusihlanganisile sekwashabalala njengamazolo ebona ilanga. Ufunani manje?

NKULULEKO: (Ngokufutheka) Kancibangi ukuthi uyazizwa ukuthi uthini nokuthi ukhuluma nobani. Ungangihlanyisi Phindisiwe. Ngizokwenza into yamehlo. Ngingamane ngibuyele ngiyodonsa isigwebo sokubulala wena uma ungangazi kahle.

Umlandi nguyena futhi osethulela izenzo zabadlali emdlalweni ezihambisana nenkulumo-mpendulwano ababandakanyeke kuyona. Ngenxa yokuthi konke sikuthola ngokufunda inkulumo-mpendulwano kuphela emdlalweni ofundwayo, izenzo zabadlali sizithola kuye umlandi ngokuba ahambe efaka amazwi athile kubakaki ukuthi wenzani umdlali ngamunye ngesikhathi ethula leyo nkulumo yakhe. **Lokhu kubizwa ngokwenzeka enkundleni.**

Isibonelo: NKULULEKO: Kungavuka uDlaletsheni eme ngezinyawo! Ngiyifuna lapha le ngane **(Egcizelela aze ashaye nangesibhakela emoyeni.)**

Umlandi emdlalweni kuyenzeka futhi asethulele isimo sezulu (njengokuthi liyana noma libalele likhipha umkhovu etsheni, kunomoya njl) nesikhathi (njengokuthi kusebusuku, ekuseni njl).

Isibonelo: (Kusemzini wakwaMathonsi. **Sekuhlwile** ngaphandle. **Kunomoyana ovunguzayo** okubonakalayo ukuthi uxosha leli zulu ebelisathi liyathwala. UNkululeko uhlezi ngokukhulu ukuzithoba kusofa osuthanda ukuba mdadlana ulindele usokhaya. Kusenjalo ingene insizwa endala. Izinwedlana ziyabalwa zizungeze ikhanda elincanyana, ukhakhayi lumenyezela satalagu likhiphe umkhovu etsheni.)

Kwesinye isikhathi umlandi kuyenzeka agoqe umdlalo ngokuba asibikele ngezigameko ezithile ezenzeka ngenhloso yokuqoqa umdlalo ngokweqa izigameko ezithile ukuze umdlalo usheshe ufike kuvuthondaba. Lapha-ke umlandi uye abikele abafundi ukuthi emva kokuthi kwenzeka ukuthi nokuthi kwase kwenzeka ukuthi nokuthi njengoba manje sesibathola belapha nje bese ebadedela futhi abadlali bawuqhube umdlalo ngenkulumo-mpendulwano.

ISIZINDA

Isizinda sehlukene izingxenye ezintathu; indawo inkathi kanye nesimo senhlalo.

Okubalulekile kakhulu ngezixenye zesizinda ukuthi zigqamisa indaba ukuthi yenzeka nini, kuphi nokuthi isimo senhlalo sinjani.

Indawo:

Uma sikhuluma ngendawo sibheka lapho umdlalo owenzeka khona. Kungaba indawo yasemakhaya, emadolobheni njl. Umdlalo wethu wenzeka endaweni yasedolobheni eGoli. Kukhona ibhange *iForum* lapho uPhindisiwe athola ucingo esebenza khona. Umdlalo wethu ubuye wenzeke eMandleni *Section*, okuyilokishi. Kuleli lokishi kunendlela yakhona yokuphila. Umkhuba wobugebengu yinto eyenzeka kakhulu emadolobheni. Asithuki uma sithola uNkululeko enza ubugebengu ngoba efuna ukuphila. Kukhona nehovisi lapho kwakusebenza khona uThamsanqa. Sibuye sithole indawo yaseZibuseni lapho kwakunenkantolo yemantshi. Yilapho kwagwetshwa khona oPhindisiwe, uNkululeko, noMaqoma njl.

Inkathi:

Lapha sisuke sibheka ukuthi ngabe indaba yenzeka esikhathini sakudala, sanamuhla noma isikhathi sezinguquko. Lokhu kuthinta izinto ezisetshenziswayo. Le ndaba yenzeka esikhathini sanamuhla lapho abantu benza khona ubugebengu obuhleliwe baqole abanye abantu.

Isibonelo:

- UNkululeko wenza isitifiketi somshado kanye nesithombe somshado kokubili okuwumgunyathi ukuze aqole uThamsanqa.
- UPhindisiwe ngenxa yokugajwa izinkinga zezimali uncamela ukuntshontsha imali ebhange.
- Kunenkantolo lapho kwathethwa khona icala kwaphuma nesigwebo sikaNkululeko nabangani bakhe.
- Kunabameli abantu abaya kubo uma bengaboni kahle ezintweni ezithile zomthetho njengoba kwenza uThamsanqa.

Isimo Senhlalo:

Lapha sibheka indlela okuhlalisenwe ngayo okungaba imindeni, omakhelwane njl. Kulo mdlalo isimo sasisihle ngaphambi kokuthi kufike uNkululeko. Ngokufika kukaNkululeko zashintsha izinto. Ekuqaleni kwendaba uNkululeko ushayela uPhindisiwe ucingo, uze amesabise amkhumbuze ngezivumelwano abazenza bebobabili. Lokhu kukapakela nasemzini wakhe uPhindisiwe ngenxa yale nkinga akusekühle nasemshadweni wakhe ogcina usubhidlikile. Emndenini wakwaMathonsi kuhlale kuxoxwa ngale ndaba kaThamsanqa. Abazali bakaThamsanqa ibakhathaza kakhulu le ndaba. UThamsanqa uze axabane noNkululeko kubangwa ingane yakhe ayifunayo. Ngasekupheleni komdlalo sithola uPhindisiwe exolisa kuThamsanqa, uze athi akambhekele kahle izingane zakhe.

UMOYA NETHONI YOMDLALO:**Umoya:**

Ngomoya womdlalo kuqondwe isimo somdlalo esidalwa yindlela abadlali abakhuluma ngayo nezenzo zabo ngesikhathi bekhuluma bephendulana. Ngamanye amazwi umoya singawuchaza ngokuthi ungumphumela wezenzo nezinkulumo zabadlali emdlalweni. Singathola umoyawosizi emdlalweni uma abadlali benza izenzo zokulwa, ukulimazana kumbe nokuthukana ngezinhlamba bebizana ngamagama angemahle ngesikhathi bekhuluma bephendulana. Izenzo zokusizana, ukunqoba nempumelelo ethile zingenza umdlalo ube nomoya wenjabulo.

Isibonelo: Lo mdlalo esikhuluma ngawo singathi unomoya wosizi nolaka lapho sithola khona uPhindisiwe esosizini ngenxa yolaka lukaNkululeko alubhekise kuyena. UPhindisiwe unosizi ngenxa yolaka lukaNkululeko omesabisa ngokuthi uzoveza zonke izimfihlo zabo. Ugcina ezidalulile izimfihlo kubazali bakaThamsanqa nakuye uqobo. Umoya wosizi uyaqhubeka nokukhula kwendaba lapho sithola khona uPhindisiwe ephoqeleka ukuba azibandakanye

ebugebengwini bokwebiwa kwemali yebhange alisebenzelayo ngenxa yokwesatshiswa nguNkululeko.

Ithoni

Ichazwa yindlela abadlali abakhuluma ngayo kumbe abenza ngayo izinto. Umdlalo ungaba nethoni yokulwa, yokhlukumeza, yokucwasa, yokuncenga, yokulamula njl kuye ngendlela inkulumo yomdlali ebekeka ngayo namagama abawasebenzisayo.

Isibonelo: Indlela akhuluma ngayo uNkululeko noPhindisiwe nezenzo zakhe kwenza umdlalo ube nethoni yesihluku nokwedelela. Nangu simthola ephendulana kabi noThamsanqa embiza ngesishimane azosembulela uPhindisiwe. (ukwedelela)

UNkululeko uphoqa uPhindisiwe ngesibhamu, ukuba ayobalekelela ekuthathweni kwemali ebhange. (isihluku)

Nawe mfundi ungazibhekela ezinye izigameko ezinethoni kanye nomaya ezahlukene.

IMISEBENZI YOKUZIQQESHA

UMSEBENZI WOKU-1

ISIQEPHU SOKU-1

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:



Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

PHINDISIWE:	<i>(Ngokufutheka.)</i> Sikhohlakali ndini ufunani? Hlukana nomoya wami. Kangikuhluphi ngalutho ngoba savumelana ukuthi le mfihlo yaziwa yithina sobabili. Ngalokho ube uyagcina ngci ukushaya ucingo ngalesi sikhathi. Ngingaze ngilahlekelwe okukhona ngokungekho. <i>(Alushaye ngesikhulu isankahlu ucingo. Aqonde lapho kungena khona intambo yocingo afike alunyomule.)</i> . <i>(Ngomoya ophansi)</i> Ngisaphinda futhi ngibuza ukuthi ngubani lona othi akahlukane nawe Phindisiwe?
THAMSANQA:	<i>(Ziyime emthumeni)</i> Awaqanule ngokunye amehlo ngoba ubecabanga ukuthi uThamsanqa akezwanga. <i>(Ngelokubibitheka)</i> Sithandwa, kusho ukuthi awukangethemi nanamuhla lokhu? <i>(Agqolozele uThamsanqa ngemvula yezinyembezi)</i>
PHINDISIWE:	Ukusho ngani lokho? Ungizwe ngithini? <i>(Akiphe izibuko abheke ngakumkakhe)</i> Munye umbuzo enginawo owokuthi uma ubusezinyathelweni zami ubungasixazulula kanjani lesi simo engibhekene naso manje? <i>(Awushaye indiva lo mbuzo. Azwakale esethi...)</i> Uthando luyabekezela. Ngisho ngoba enkonzweni namuhla bekukhulunywa ngayo indaba yokuzindlelana... <i>(Luthi heqe uvalo, Athule kancane ezwe inhliziyi ishaya ngamandle. Abambe isifuba okomuntu ophelwa ngumoya)</i>
THAMSANQA:	Kwenzenjani Phindisiwe? <i>(Aphuthume afike ambambe ngesandla)</i> <i>(Ngephimbo elihqizayo)</i> Akulutho, into nje nginovalu olungidabula inhliziyi. <i>(Kube ngathi uyantengezela abambelele ehlonbe likaThamsanqa.)</i> Ngicela ungiphuzise amanzi.
PHINDISIWE:	<i>(Eqonda ekhishini emkhelela amanzi ngenkomishi. Amnikeze. Athathe umthamo owodwa inkomishi ayibuyisele esandleni sikaThamsanqa)</i> Likhulu luyenzeka lapha kuwe. Angazi-ke noma ukwethembana sekwaphelela yini? Ngiyakhumbula ukuthi savumelana ngokungagodlalani izifuba, ngingazi-ke ukuthi sekwashintsha yini? Engikushoyo-ke ukuthi le nkinga kasilali singayixazululanga, engagcina kungumgomo waleli khaya ukuthi akulalwa omunye esathukuthele. Kuyangixaka-ke uma sekunenguquko engingayaziyo. Usungahluleka ukuqeda inkomishi eyodwa yamanzi? Akekho-ke omunye owaziyo nguwenawedwa.
THAMSANQA:	Sekwanele <i>(Angene endlini yangasese. Asule izinyembezi esezigcwele ubuso. Uvalo kaluzibekile phansi. Kumfoma izithukuthuku. Imicabango iyanyathelana. Agcine ngakho ukuphimsela.)</i> Nkosi yami kodwa ungilahlelani na? Nokuba ngamtshela uThamsanqa...a <i>(Ezwe isandla simthinta ehlonbe langakwesokudla.)</i>
PHINDISIWE:	Nokuba wangitshelani Phindisiwe?
THAMSANQA:	Ungakhathazeki. <i>(Abalekise amehlo akhe abuke phezulu ophahleni lwendlu abakuyona.)</i>
PHINDISIWE:	Ngingahlala kanjani ngingakhathazeki ngikubona ungapathhekile kahle? Wena uthi ngithule ngingasho lutho? Uyabona Phindisiwe, ngeke ngikuphoqe ukuthi ungitshela uma ungafuni. Kunye-ke engikucelayo, uma usuzimisele ukukhuluma awongazisa <i>(Abuyele ekamelweni amshiye emi esibukweni esasula izinyembezi.)</i>
THAMSANQA:	

Phendula imibuzo elandelayo

- 1.1 Yimuphi umoya otholakala enkulumeni kaThamsanqa emveni kokuba eye ekhishini eyokhelela uPhindisiwe amanzi? Sekela impendulo yakho. 2
- 1.2 Chaza isigameko esiholele umlingiswa onguPhindisiwe ukuba akhulume la mazwi akhe okuqala kulesi siqeshana 2
- 1.3 Yisho okufanayo ngokuvezwa komlingiswa uMathonsi noThamsanqa ngokwenkolo yabo kulo mdlalo bese usekela impendulo yakho ngokwencwadi. 3
- 1.4 Chaza kafushane ukuxhumana kwenkulumo-mpendulwano phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe nesenzeko esenzeka emuva kwalokho. 3
- 1.5 Iyini inhloso yombhali yokuphetha umdlalo ngenkondlo eqondiswe kuThamsanqa? 2
- 1.6 Qhathanisa ukuxhumana phakathi kwenkulumo kayedwana kaPhindisiwe etholakala kulesi siqephu kanye nesenzo sikaNkululeko sokuyofuna ingane yakhe emzini kaMathonsi. 2
- 1.7 Chaza ubudlelwano obukhona phakathi kukaNkululeko, uSikela, uMaqoma noPhindisiwe kanye nendikimba yalo mdlalo. 3
- 1.8 Ucabanga ukuthi wawuyoba njani umphumela wesimo senhlalo phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe emuva kokuphela kwesigwebo sikaPhindisiwe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. 3
- 1.9 Ngokwakho ukubona, ngabe umlingiswa onguThamsanqa ufanele yini ukubuza lo mbuzo odwetshelwe kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. 2
- 1.10 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi akubakaki athi, '(Ziyime emthumeni.)' kulesi siqeshana uwayamanise nezenzeko ezehlakalele uPhindisiwe kulo mdlalo 3

[25]

Izimpendulo ezilindelekile:

- 1.1 Umoya wokukhathazeka, √ uThamsanqa ubuza uPhindisiwe ngocingo olungenile njengoba ebona ukuthi kukhona into ethile ayifihlile asabayo ukumtshela yona. √ (2)
- 1.2 UNkululeko wayesanda kumshayela ucingo ngesikhathi esingafanele sasendlini lokhu kwamcasula uPhindisiwe. Usephendula ngokunengwa njengoba elokhu elubelesele nokumshayela endlini kanti sekukhona nomyeni wakhe.√ (2)
- 1.3 Bobabili bavezwe njengabalingiswa abazazisayo izinkonzo zabo.√
UMathonsi wakhulela enkonzweni yebandla lamaWeseli futhi uyathandaza emzini wakhe√ kanti uThamsanqa yena njalo ngoLwesithathu uya enkonzweni ngoba kusuke kuwusuku lwabashadikazi angaphuthwa yiyo.√ (3)
- 1.4 UThamsanqa ubuza uPhindisiwe ukuthi ukhuluma nobani ocingweni nokuthi kwenzekalani kuyena. √UPhindisiwe akaphumi neqiniso ngoba uyazi ukuthi unemfihlo engaqeda umendo wakhe uma angahle ayitshela uThamsanqa.√ UThamsanqa ugcina etholile ukuthi uZiphozonke akusiyo ingane yakhe, uPhindisiwe wagcina ethuthile waya kubo.√ (3)
- 1.5 Umbhali uhlose ukusifundisa ukuthi uma wonile kumele ukuba ucele uxolo ukuze ukhululeke emoyeni.√ Ziningi izindlela ongazisebenzisa zokucela uxolo njengakho ukubhala inkondlo. √ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)
- 1.6 Inkulumo kaPhindisiwe kanye nesenzeko sikaNkululeko sokuyofuna ingane siveza ubuqili bemfihlo ebingaziwa. √ UPhindisiwe useyathuka njengoba ebona amaqiniso ezovela ngengane obekucatshangwa ukuthi ngekaThamsanqa. √ (2)

1.7 Indikimba yalo mdlalo eyobugebengu obuhleliwe.√ UNkululeko, uSikela, uMaqoma bangabangani abenza ubugebengu ndawonye kanti uPhindisiwe wayethandana noNkululeko ebe eshade noThamsanqa. √ Bahlanganiswe ubugebengu bokugqekeza ibhange nokuqola uThamsanqa. √ (3)

1.8 Wawungaba muhle. Kwakungenzeka uThamsanqa amxolele√ njengoba uPhindisiwe avuma wonke amacala akhe, wabhala inkondlo ecela uxolo ngakho konke akwenzile kuThamsanqa. √√ Babengakahlukaniswa ngokusemthethweni babengabuye bahlalisane kahle kungasekho noNkululeko ozobaphazamisa. √√

NOMA

Wawungaba mubi. Kwakungenzeka uThamsanqa angamxoleli.√ njengoba uPhindisiwe wayehlale nemfihlo engaka waphinda wambukanisa nabantu.√√/ (3)
UThamsanqa wayengafaka isehlukaniso aqale impilo entsha athathe enye inkosikazi.√√

1.9 Ufanele ngoba uPhindisiwe akafuni ukuphumela obala namaqiniso ngalezi ngcingo ezingenayo uma ebuzwa avele amthele ngezinyembezi yingakho-ke uThamsanqa elokhu emncenga ukuba akamtshela ukuthi kwenzenjani.√√

NOMA

Kwakungafanele uThamsanqa njengomyeni wakhe kwakumele amyeke angamxini azinikeze isikhathi sokuzitholela amaqiniso ngokwakhe njengoba agcina ezivelele. √√ (2)

1.10 La mazwi akubakaki aveza umuzwa wokuphelelwa amazwi/wokudideka ngoba UPhindisiwe wayengenaso isiqiniseko sokuthi uThamsanqa wazi kangakanani ngezimfihlo zakhe njengokubandakanyeka kwakhe ekuboshweni kukaNkululeko nokuthi enye yalezi zingane kwakungekaNkululeko.√√√ (3)

[25]

UMSEBENZI WESI - 2

Funda lesi siqeshena bese uphendula imibuzo elandelayo:

ISIQEPHU SESI - 2

MAKHANGELA:	(Esehlahle amehlo ngenxa yokuthuswa yisibhamu esikhulukazi ayengakaze asibone empilweni yakhe.) Phindisiwe yenza njengokusho kwakhe umkhwenyana. Ingabe ngiyobabhekela ngubani abakwaMathonsi ngoba phela le nto ebengiyichwensa uThamsanqa yisono esingephinde sixoleleke.
NKULULEKO:	Musa ukusixoxela inganekwane. (Abheke umngane wakhe uMaqoma.) Umsebenzi wakho ukuthi uqinise indodakazi yakho idolo ingalokhu ihluphana nomphefumulo wethu yenze njengoba ngishilo. Lokho okhuluma ngakho niyosale nikubona seninodwa. Kufanele nginixwayise ukuthi ubulima benu yibona obuyonifaka kwenkulu inkinga lena.
PHINDISIWE:	Ngangingazi Nkululeko ukuthi unenhliziyo elukhuni ngale ndlela?
NKULULEKO:	Kuyokusiza ngani ukubuza lowo mbuzo manje, ngoba wehluleka ukubamba inhliziyo angithi? Nguwena owangisukela ngiziphuzela nabangane bami. Sonke lesi sikhathi ngangikuthengela ukudla nezimpahla zokugqoka. Imfihlo engiyiqibile uthini ngayo? Izandla ziyagezana ntombi. Sekuyisikhathi sokuthi nawe ungisize.
PHINDISIWE:	Sengonakalelwe Nkululeko ngenxa yakho. Nami-ke ngibeka le mibandela yokuthi uma imali leyo usuyitholile uyongihlephulela ukuze impilo iqhubeke ngoba ngiyobe ngingasenaye umuntu ongibhekile. Ukhumbule ukuthi uThamsanqa ubeyikho konke ezinganeni zami manje ukwehlukana kwami naye kusho khona ukuthi useyoyeka ukuzondla.
NKULULEKO:	Musa ukulokhu ungibalisele. Kwakufanele ukuthi ngabe yinto yokuqala eyafika emqondweni wakho ngesinyathelo osithandayo sokuqoma ube unomuzi nezingane. Ngabe akuzange kuvele ungiyosho. Ubunomyeni okuthandayo uphila impilo enhle ungaswele lutho.
MAKHANGELA:	Lixhoshwa libhekile ndodana.
MAQOMA:	Lizogcina ukuhamba liqalaza ligcine selixhoshwa yizona zonke izintuli lezi. Okubalulekile manje ukugxila kule mali esiyoyilanda kusasa ebhange.
MAKHANGELA:	Kuyonisiza ngani ukuthola kwenu imali ngoba namaphoyisa ngiwabekile. Okwesibili nithemba kangakanani ukuthi singeze sanidalula?
NKULULEKO:	Cha, lapho-ke noluncane uvalo kalukho. Ukucwila kwethukungukucwila kwenu. Nikhumbule ukuthi nani ninaso isandla kuleli tulo ngeke saya sodwa esizibeni siyocwila sonke. Ukhumbule mama ukuthi yingane yakho esinike amacebo okuthi imali sizoyithola kanjani ebhange kanti nale nkulumo siyayiqopha ngalo makhalekhukhwini engiwuphethe.
MAKHANGELA:	Ubezokwenzanjani umntanami kulesi simo sokusatshiswa yini?
NKULULEKO:	Ukugcina isithembiso asenza.
PHINDISIWE:	Musa ukuphosisa Nkululeko. Yicebo lami? Angithi ngenxa yokwesaba ukulahlekelwa ngumendo nokuthi uZiphozonke uyingane yakho akuyona ekaThamsanqa ngigcine ngivumile.
MAQOMA:	Nawo-ke umvuzo wokwesaba nokungathembeki. (Ekhuluma enganake lutho)
NKULULEKO:	Engikushoyo Maqoma mngane wami ukuthi kusize ngani ukwesaba kwakhe ngoba umendo uvele usuphelile. Waliile ukubuya kimina sengincenga ukuthi sikhohlwe okwedlula siqhubeke nothando lwethu washaya phansi ngonyawo. Ngamtshela ukuthi ngiyomdalula uma eke wenza into engubulima nangempela wayenza ngagcina ngisejele manje ufunani-ke.
PHINDISIWE:	
NKULULEKO:	Ngamanye amagama uyaziphindisele ngalokho okwenzayo? Sengiqedile nokuziphindisele ngoba ngadonsa iminyaka emithathu ejele ngesimanga sakho. Ingane yami kayingazi ngoba kunguwena owangihlukanisa nayo. Empeleni kuningi engingakudalula ngakho uma unahlakaniphile ekhanda lakho. Kungcono ungabe usakhuluma wenze lokho engithe ukwenze.

Phendula imibuzo elandelayo

- 2.1 Chaza isizathu esenza ukuthi uMaKhangela ahlahle amehlo uma ebona isibhamu. (2)
- 2.2 Xoxa ngokuthuthukiswa kwendikimba yalo mdlalo okugqanyiswa izezo zikaPhindisiwe ezitholakala kulesi siqeshana. (2)
- 2.3 Chaza kafushane ukuthi inkulumbo kaNkululeko kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (2)
- 2.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguSikela kanye nomlingiswa onguKholekile unikeze nezizathu zempendulo yakho. (3)
- 2.5 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwesu lokujejeza emuva kukaNkululeko elitholakala esingenisweni salo mdlalo ngenkathi uPhindisiwe esembona engumuntu ononya. (3)
- 2.6 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi yamanje kulo mdlalo? (3)
- 2.7 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umoya emzini kaThamsanqa ukube uPhindisiwe wamtshela lonke iqiniso uThamsanqa? (3)
- 2.8 Ngabe amazwi akhulunywa nguNkululeko abhalwe ngokugqamile anamthelela muni ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? (2)
- 2.9 Uyavumelana nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi; Akukho qili lazikhotha emhlaneni? Bhekisa kumlingiswa onguPhindisiwe ngokomsebenzi wakhe. (2)
- 2.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isethulo salo mdlalo. (3)

[25]

Izimpendulo ezilindelekile:

- 2.1 Isizathu ukuthi uMaKhangela wethuswa isibhamu esikhulu angakaze asibone empilweni yakhe✓ okwenza ukuthi athi kuPhindisiwe akenze konke okushiwo uNkululeko.✓ (2)
- 2.2 Indikimba yalo mdlalo eyothando lwemali.✓ UPhindisiwe ubekela uNkululeko imibandela yokuthi amhlephulele imali azobe eyitholile njengoba esonakalelwe umendo wakhe.✓/Indikimba yobugebengu obuhleliwe.✓ UPhindisiwe utshela uNkululeko ukuthi uma eseyitholile imali ebhange uzomnika ingxenye ukuze akwazi kuziphilisa nezingane zakhe.✓(2)
- 2.3 Ongenanembeza/ongenandaba nemizwa yomunye umuntu/odelelayo/.✓ Uphendula kabi uMaKhangela umtshela ukuthi kumele bangenzi ubulima obungabafaka ezinkingeni✓ ngoba nguPhindisiwe obe nesimilo esixegayo esenze wangena kule nkinga yokufuna ukutshontsha imali, akafihli nokuthi (3) uqopha ngomakhalekhukhwini konke abakukhulumayo endlini.✓
- 2.4 Bobabili basize uNkululeko ngoba bethanda imali.✓ USikela wasiza uNkululeko ngokuba azenze isihlobombumbulu azokhuluma nabantu bakwaMathonsi mayelana nomshado wakhe noPhindisiwe wenzela uNkululeko isitifiketi somshado womgunyathi✓ kanti uKholekile wasiza uNkululeko ngokumazisa ngomshwalense nezimali ezisebhange zikaThamsanqa eyayingatholwa uPhindisiwe uma babengambulala uThamsanqa.✓ (3)
- 2.5 Isizathu esokuthi uNkululeko ubona uPhindisiwe emthatha njengomuntu ononya nofuna ukuziphindiselela,✓ uNkululeko utshela uPhindisiwe ngesethembiso ababesenzile sokuthi bayonakekelana.✓ Ngakho-ke kumele (3) uPhindisiwe amsize ngemali njengesithembiso ababesenzile.✓
- 2.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi esikhathini samanje sekunobugebengu obuningi bokusetshenziswa kobuchwepheshe, ✓ njengoba uNkululeko wanika abakwaMathonsi isithombe somshado wabo noPhindisiwe kanye nesitifiketi somshado womgunyathi. Nangesikhathi kuntshontshwe imali ebhange amakhamera aveza ubufakazi enkantolo.✓ (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)
- 2.7 Wawuzoba muhle ngoba nakube uThamsanqa wayezobe ethukile kodwa ngenxa yokufundiseka kwabo enkonzweni yabantu abashadile✓ wayekholelwa ukuthi akumele kube khona olala ethukuthele nogodle izinto futhi✓ wayezotshela uNkululeko ukuthi akayeke ukuhlukumeza inkosikazi yakhe futhi angaphinde ayifonele/ ayishayeke ucingo.✓

NOMA

Wawuzoba mubi ngoba uThamsanqa wayezobe ekuzwa okokuqala ngqa ukuthi uZiphozonke ngokaNkululeko✓ nokuthi uPhindisiwe washayisa ingane ngemoto icala lathwalwa uNkululeko ngoba bethandana.✓ Wayengagcina emxoshile kwakhe ababophise(3) benoNkululeko ukuze bathwale amacala abo.✓

- 2.8 Lesi simo sokukhuluma siyisisho sichaza ukuthi uma ungena enkingeni ngeke ungene wedwa√ ngakho-ke sibe nomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi uNkululeko wenza ubugebengu bokubamba ibhange esizwa nguPhindisiwe enokuqonda ukuthi uma bungaphumeleli wayengeke aboshwe yedwa kodwa (2)
babezoboshwa bagwetshwe bonke njengoba kwenzeka. √
- 2.9 Ngiyavumelana. UPhindisiwe owayesebenza ebhange i-Forum wacebisa uNkululeko ngokuthi bangayitshontsha kanjani imali ebhange njengoba baya kovalela uSarah bamphuca isikhiye,√ wacina ngokubanjwa waboshwa (2)
waphelelwa umsebenzi.√
- 2.10 Umbhali uphumelele kahle ngoba ummeleli onguPhindisiwe uyethulwa.√ Kwethulwa isisusa sodweshu okuwudweshu lwangaphandle kanye nenkinga esuswa nguNkululeko ofuna ukukhokhelwa imali yakhe ngokuboshelwa izenzo zikaPhindisiwe aphinde afune nengane yakhe uZiphozonke.√ Kwethulwa nesizinda okuyinkathi yamanje, kunebhange i-Forum lapho kusebenza khona uPhindisiwe√ kanye nesimo senhlalo esiqala simuncu ngoba kunodweshu phakathi kwabo ngenxa yokungavumelani ngokufunwa nguNkululeko okuwukuqhubeka nothandolwabo.√ (3)

[25]

ISAHLUKO SESI-4

UKUHLAZIYA UMBUZO OMUDE

UMSEBENZI WESI - 3

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo othi: *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

ISIBONELO SEMPENDULO YOMBUZO OMUDE

IMPENDULO:

QAPHELA:

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.

Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.

Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yokwethulwa kwesizinda salo mdlalo.

[25]

Isingeniso

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda salo mdlalo.

Isizinda sehlukaniswe izingxenye ezintathu kanje:

Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo, okungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.

Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi, okungaba inkathi yamanje, yakudala noma inkathi yezinguquko.

Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abantu abaphila ngayo, indlela abahlalisana ngayo nokuthi isisusa sodweshu asinawo yini umthelela ekuhlalisaneni kwabo.

Umzimba

Indawo:

Lo mdlalo wenzeka ezindaweni ezahlukahlukeni. Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni eGoli.

Ibhangane iForum:

Yilapho kusebenza khona uPhindisiwe.

UNkululeko nabangani bakhe oMaqoma noSikela babamba inkunzi ebhange ngokusizwa uPhindisiwe.

Emzini kaMathonsi:

UNkululeko ufika kwaMathonsi uyofuna unkosikazi wakhe uPhindisiwe nengane yakhe uZiphozonke.

UNkululeko ubuyela emzini kaMathonsi nobufakazi bokuthi yena uganwe nguPhindisiwe ngokusemthethweni ngokuba abakhombise incwadi yomshado kanye nesithombe somshado.

UTHamsanqa ufika kubo ukuzolalela insambatheka ayitshelwa ngoMathonsi yokuthi kunomlisa ogama lakhe kunguNkululeko Gubhela ozofuna uZiphozonke.

EPhumula *Section*:

UTHamsanqa uxabana noPhindisiwe babanga ukuthi ngubani obeshaye ucingo futhi yini le angafuni ukumtshela yona.

UPhindisiwe uphendula kabi uMaMhlongo ngoba ecabanga ukuthi uNkululeko.

Ehhovisi likaThamsanqa:

UThamsanqa uxoxa nomngane wakhe uNkumbulo umtshela ngezinkinga abhekene nazo.

KwaZibuseni enkantolo:

ONkululeko bayagwetshwa ngamacala okuthumba uSarah, ukuntshontsha imali yasebhange, ukwenza isitifiketi somshado womgunyathi.

UPhindisiwe uyagwetshwa ngokuntshontsha imali yasebhange.

Inkathi/Isikhathi:

Le ndaba yenzeka enkathini yamanje lapho sekwande khona izenzo zobugebengu.

UNkululeko wenza isitifiketi nesithombe somshado womgunyathi.

UNkululeko uvezela oMathonsi isibhamu.

UNkululeko utshela uPhindisiwe ukuthi inkulumo yabo uyiqophe kumakhalekhukhwini.

UMathonsi noNkululeko bakholwa emasontweni angefani.

UThamsanqa unommeli ambikela izinto.

Kuqulwa icala likaNkululeko, uMaqoma, uSikela kanye noPhindisiwe mayelana nokuqola ibhange.

Isimo senhlalo/ sezinto:

Isimo senhlalo kulo mdlalo siyaguquguquka siyashuba siphinde sibe sihle. Kukhona oNkululeko abaziphilisa ngobugebengu kanye nomndeni wakwaMathonsi ophila ngokubambisana.

UNkululeko uxabana noPhindisiwe ufuna babuyelane, ufuna noZiphozonke njengoba ephuma ejele.

UPhindisiwe ufihlela uThamsanqa ukuthi uZiphozonke ingane kaNkululeko.

UThamsanqa nomndeni wakhe bangabantu abaya esontweni njalo ngoLwesithathu ukwethamela izinkonzo zabashadikazi.

Umndeni wakwaMathonsi ukhathazekile ngenxa yodaba olufike noNkululeko okwenza bangakwazi ukulala, banqume ukushayela uThamsanqa ucingo ukuze bezomazisa ngalolu daba.

UPhindisiwe uyalutheka ugcina efuna ukubulala uThamsanqa ukuze athole imali yomshwalense namanye amafa.

- (Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda.)

Isiphetho (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele kahle ukwethula isizinda salo mdlalo. Indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo kuyakholeka futhi kuyahambelana nenkathi yamanje nendawo yaseGoli. Lapho ubugebengu bandile bubandakanya nabantu besifazane.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekelo impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMSEBENZI WESI - 4

Hlolisisa impumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo othi: *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindlekeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekuvezeni indikimba ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni indikimba kulo mdlalo.

[25]

IMPENDULO:

QAPHELA:

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa indikimba.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

Isingeniso: Ohlolwayo makachaze indikimba.

Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe aphinde abhekise ezahlakalweni ezinembayo zalo mdlalo ezigqamisa indikimba.

Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo):

Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nendikimba yalo mdlalo.

ISINGENISO

Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wendaba yonke. Iphendula ukuthi umdlalo ukhuluma ngani. Ingaba igama elilodwa noma umusho owodwa. Lokhu kufakazelwa indikimba esinikezwe yona emayelana nobugebengu.

Ohlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo ayizibonelo mayelana nendikimba yalo mdlalo:

UMZIMBA:

UNkululeko uphuma ejele ushayela uPhindisiwe ucingo ufuna ingane yakhe

UNkululeko usejele nje uthwele icala angalazi lokushayisa ingane wavalwa nguPhindisiwe ngemali.

UPhindisiwe banengane noNkululeko kodwa useshade noThamsanqa. Uthi le ngane ngekaThamsanqa

UNkululeko uyakwaMathonsi uyodalula imfihlo yokuthi uZiphozonke ingane yakhe wabashiya bekhungathekile ngokubasongela

UNkululeko uphindela kwaMathonsi esepethe incwadi yomshado kanye nesithombe somshado. Udalula nokuthi uPhindisiwe unezinye izingane uNokwethemba noThembelani azishiye ekhaya.

UNkululeko ushayela uThamsanqa ucingo ufuna ingane yakhe uZiphozonke. Uyangabaza ukuthi ngabe lo muntu ochwensayo uqinisele ukuthi ingane akuyona eyakhe.

UThamsanqa akabatshelanga abazali bakhe okunguMathonsi noMaMhlongo ukuthi wathola udaba lokuthi uPhindisiwe unezingane ezinye.

UMaKhangela naye akabatshelanga abalingani bakhe ukuthi uPhindisiwe unezingane azithole engakashadi.

UNkululeko noKholekile bahlela ubugebengu bokuyobamba inkunzi ebhange.

UMaqoma uhlasela uSarah efuna isikhiye sasebhange emkhombe ngesibhamu.

UPhindisiwe ulekelela uNkululeko ngokungena ebhange ukuyontshontsha imali.

UNkululeko noPhindisiwe babanjwa ngamaphoyisa ebhange.

UNkululeko, uMaqoma, uKhabalethu, uSikela noPhindisiwe bathola izigwebo ezahlukene ngokuya ngobugebengu ababenzayo.

(Ohlolwayo makaveze amanye amaphuzu kulo mdlalo kuze kufike lapho ubugebengu buvela khona baze bajeze).

ISIPHETHO SEMPENDULO (UVO LOHLOLWAYO)

Umbhali ukwazile ukusebenzisa ukusethulela indikimba yakhe ehambisana nezehlakalo (izenzeko) kulo mdlalo. Okwenza umdlalo ube noheho/nelukuluku ofundayo angayibeki phansi engakayiqedi.

(Ohlolwayo uyoqhubeka aphawule ngendikimba esebenzisa ulwazi lwakhe lokuhlaza.)

[25]

(Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.

Ohlolwayo makabhale impendulo yakhe njenge-eseyi)

UMSEBENZI WESI - 5

Phawula ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli emdlaweni othi, *Ubhuku lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

- Ukwethula nokuchaza ummeleli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nokuvezwa komdlali ongummeleli kulo mdlalo.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

IMPENDULO

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze ummeleli. Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.

Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli kulo mdlalo.

ISINGENISO

Ummeleli ngumlingiswa oyiqhawe. Umdlalo yonke incike kuye. Yize engekho kwezinye izehlakalo kodwa ziyamthinta ngandlela thize. Indaba yonke imayelana naye. Ubhekana nenkinga ethile ashikashikeke ezama ukuyixazulula. Kuyenzeka aphumelele noma ehluleke.

UMZIMBA

Umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo uPhindisiwe. Kungasetshenziswa lawa maphuzu ukuphendula umbuzo:

Akanasimilo

- Usukele uNkululeko ehlezi nabangane bakhe wazishelela yena.
- Uthandana noNkululeko ngoba umyeni wakhe onguThamsanqa esahambe ngomsebenzi.
- Ugcina ethola ingane eyivezandlebe enguZiphozonke.

Unezimfihlo

- Ushayelwa nguNkululeko ucingo kepha uyenqaba ukutshela uMyeni wakhe onguThamsanqa ukuthi Ishende lakhe lakudala lifuna bahlele ubugebengu yize esemncenga, uyafunga uyagomela ukuthi ngeke amtshela ngoNkululeko uyoze angene egodini.
- Akamtsheli uThamsanqa ukuthi ingane yabo enguZiphozonke akusiyo eyakhe wayitholiswa nguNkululeko.
- Akabatsheli abakwaMathonsi lapho endele khona ukuthi wayenezingane ezimbili azithola ngaphambi kokuba ashade noThamsanqa.
- Akamtsheli umyeni wakhe uThamsanqa ukuthi uNkululeko wenza itulo lokuba abulawe ukuze kuzotholakala ifa.
-

Uyisigebengu

- Ushayisa ingane ngemoto qede uthenga uNkululeko ngemali ukuba amdonsele ejele ngecala elenziwe nguyena.
- Unquma ukuvumelana noNkululeko ukuthi kubulawe uThamsanqa ukuze bathole imali yomshwalense, imali esebhange kanye nokuthola indlu yakhe.
- Utshontsha imali emsebenzini esesisefeni.

Uthanda imali

- Uthandana noNkululeko ukuze amthengele izingubo nokudla yize esebenza.
- Uvuma ukuhambisana necebo likaNkululeko lokuyogqokeza ebhange kanye nokubulala uThamsanqa ukuze naye ahlomule.

ISIPHETHO (Uvo lomfundi)

UPhindisiwe uvezwe njengomlingiswa owummeleli, oyindilinga futhi okholekayo kulo mdlalo. Izimo abhekane nazo kulo mdlalo zimenze waguquguquka. Wayeba yikholwa eliphelele uma ehamba noThamsanqa beya ezinkonzweni zabantu abashadile. Wayebuye azibandakanye ebugebengwini obuhlelwa nguNkululeko ayethandana naye ebe eshadile.

(Namanye amaphuzu ayovezwa ngabahlolwayo amayelana nokuvezwa komlingiswa ongummeleli).

(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yabo. Nezinye izindlela zokuvezwa kwabalingiswa zizokwamukelwa.)

[25]

LO MSEBENZI OLANDELAYO UMISELWE UKUBA UMFUNDI AZIVIVINYE NGAWO.

UMSEBENZI WESI- 6

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo othi, Ubhuku *Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza isakhiwo somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekuvezeni isakhiwo somdlalo ngokucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekwethuleni isakhiwo kulo mdlalo.

[25]

**IRUBHRIKHI YOKUHLOLA IMPENDULO YOMBUZO OMUDE WOMBHALO
WOBUCIKO: UMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
	12–15	9–11	6–8	4–5	0–3
OKUQUKETHWE Ukukhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 15 AMAMAKI	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukukhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukukhunyushwa isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekelwa isihloko -Amaphuzu ambalwa asekelwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukukhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekelwa isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo
	8–10	6–7	4–5	2–3	0–1
ISAKHIWO KANYE NOLIMI Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenziwe embuzweni omude. 10 AMAMAKI	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlohlweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenziwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	20–25	15–19	10–14	5–9	0–4

ISAPHLUKO SESI- 5

UKUHLAZIYA UMBUZO OMFUSHANE

UMSEBENZI WESI - 7

- Lena imibuzo esuselwa esiqeshini ozobe usinikiwe. Kungaba isiqephu esisodwa noma ezimbili.
- Uma sisodwa ubude baso bungaba amagama angama-200 ukuya kumagama angama-350.
- Uma zimbili, ubude bazo bungaba amagama angaba yi-175 isiqephu ngasinye.
- Imibuzo iyehlukana ngokwamazinga okuhlolwa okungaba imibuzo esobala/ elula, ecabangisayo, ehlaziyayo, ehlolisayo kanye nencomayo.
- Isamba samamaki esewonke ombuzo omfushane siba ama-25.
- La mamaki ehluhana kanje ngokwamazinga emibuzo:
 - ✓ Esobala / elula – amamaki ali-10.
 - ✓ Ephakathi / endimeni – amamaki ali-10.
 - ✓ Esezingeni eliphezulu- amamaki ama-5.

Nazi izibonelo zemibuzo emifushane

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA SESI - 7

NKUMBULO: Ngamanga lawo mfowethu. Ukhona umuntu ongashada okwesibili kepha engahlukanisile emshadweni wokuqala?

THAMSANQA Kangisinisi mahleza. Isitifiketi somshado ngisibone ngawo lawa omabili. Kuthe angizisakaze ngenhlamvu ngendlela engisuke ngathukuthela ngayo. Ngicishe ngaqhuma uqobo lolu. *(Asukume esihlalweni abehlezi kusona eme ngezinyawo.)*

NKUMBULO: Uyayikholwa kodwa wena le nto? Musa ukudlala izigebengu zaseGoli Thamsanqa. Wazi ngani ukuthi uboshelwe amanqina enyathi nje kukhulu abakufuna kuwe noPhindisiwe?

THAMSANQA Nkululeko lo muntu akedeleli kangazi nokuthi ngingamfanisa nasiphi isilwane esidelelayo siphinde sibe nenkani futhi. Angikaze ngimuzwe umuntu odelela ngale ndlela. Awukezwa lutho wena. Uthe esuka lapho wathi uyangembulela uPhindisiwe into ayifunayo manje ngumfana wakhe uZiphozonke.

NKUMBULO: Ukhuluma olunye udaba manje. **Lo muntu ubehlezi kuphi yonke le minyaka kuyima esezofuna ingane yakhe nomkakhe?**

THAMSANQA Yingxaki leyo mfowethu. Izolo ngihluthukelwe yinhliziyi kangafuna nokwazi ukuthi ubeqube kuphi sonke lesi sikhathi kepha ngizwe ngobaba ethi ubesejele ngenxa yakhe futhi uPhindisiwe. Namanje ngisafuna ukwazi ukuthi kwakwenzenjani njengoba kuthinteka noPhindisiwe.

NKUMBULO: Le ndaba ifuna ukubukwa ngamanye amehlo. Bengithi lolu daba luncane kepha sengiyabona ukuthi ngumqansa impela. Pho ubona ukuthi kwenziwe njani manje?

THAMSANQA Ukulungena ngenxeba lolu daba ngeke kungisize ngakho-ke indoda ilala iphenduka. Ngisazoyidlela amathambo ekhanda. Nawe ungangicebisa nje ukuthi ngingathatha yiphi indlela. Ngiyazi iningi liyabona ububende kepha iso lilodwa kaliphumeleli.

NKUMBULO:

Kuhle-ke uma kunjalo ngoba indoda nxa isihilwa ngamanzi kufanele iphakamise izandla nephimbo ukuze bayizwe abemi osebeni lomfula bayihlangule ingaze icwile kanti usizo belusezinkwazini zomfula.

THAMSANQA:

Ekhaya besike sabonisana ngamaphoyisa ukuthi kuhle aziswe ukuze kuqala kuba nenkinga yokuhlaselana kuyaziwa ukuthi amadlambi olwandle awela ngakuluphi uhlangothi.

NKUMBULO:

Yiqiniso lelo kepha mina benginombono owehlukile. Kubalulekile ukuthi amaphoyisa aziswe ngenxa yezinsongo ezilokhu zikubhince emhlane kepha osekuyinkinga manje yindaba kaZiphonke. Kufanele kube nendlela yokumvikela. Kuyisu elihle ukuthola iqiniso ukuthi le ndaba injalo yini emuva kwalokho bese uthatha ummeli akucebise ngomphumela waleli cala nomkhondo wendlela okufanele ulandelwe. Yicala elibomvu klebhu phela leli.

THAMSANQA:

Okungixaka kakhulu ngoPhindisiwe ukuthi ubedlala muphi umdlalo? Ngimangazwa ukuthi waphika walala ngomhlane ngendaba kaNkululeko kepha kamuva nje wayithinta usevele avukeinja ebomvu angangeneki luqobo.

IMIBUZO ELULA/ ESOBALA

- 7.1 Gagula izinkinga EZIMBILI umlingiswa onguThamsanqa abhekena nazo kulesi siqeshana (2)
- 7.2 Xoxa ngethoni etholakala enkulumeni kaNkumbulo ubhekise emagameni agqamile. (2)
- 7.3 Chaza kafushane indlela umlingiswa onguNkumbulo avezwe ngayo kulesi siqeshana. (2)
- 7.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinyathelo ezathathwa nguNkululeko ukuze athole imali uPhindisiwe. (4)

IMIBUZO EPHAKATHI / ESENDIMENI

- 7.5 Iyini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? 2
- 7.6 Ngabe uPhindisiwe usibangele kanjani isixakaxaka empilweni kaThamsanqa? Sekela impendulo yakho. 3
- 7.7 Ngokwazi kwakho umdlalo, inkulumo edwetshelwe kulesi siqeshana inasiphi isigameko esifihlelwe uThamsanqa? (3)
- 7.8 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uThamsanqa amxolele uPhindisiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

IMIBUZO ESEZINGENI ELIPHEZULU

- 7.9 Uyavumelana nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (3)
- 7.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekwethuleni isizinda esiveza isikhathi kulo mdlalo ubhekise kulesi siqeshana. (2)

[25]

ISIBONELO SEMPENDULO YOMBUZO OMFUSHANE

- 7.1 Inkosikazi yakhe uPhindisiwe yayishade kabili.√
Lo muntu usefuna ukuthatha uZiphozonke.√ (2)
- 7.2 Ithoni yokucasuka.√ UNkumbulo udinwa ukuzwa uThamsanqa omtshela ukuthi uNkululeko ufuna ingane yakhe noPhindisiswe.√ (2)
- 7.3 Uvezwe ngenkulumo yakhe.√ uhlakaniphile ukwazile ukulalela inkinga kaThamsanqa wamxwayisa waphinde wamcebisa nangezinyathelo angazithatha ukuze asombulule inkinga yakhe.√ (2)
- 7.4 Wamshayela ucingo emtshela ukuthi amkhokhele imali yakhe.√
Wathumela uKholekile ukuba ahlele noPhindisiwe ukuthi kubulawe uThamsanqa ukuze kutholakale imali yomshwalense bese ebulala uPhindisiwe ukuze uNkululeko athole imali yonke.√
Wacela abangani bakhe oMaqoma ukuthi bamsize ekutholeni le mali uzobanika ingxenye yemali. √
Watshela uPhindisiwe ukuthi makabize umngane wakhe uSarah ophatha izikhiye zasebhangе okwathi angazithola wayovula ebhange wathatha imali.√ (4)
- 7.5 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi izenzo zobuqili aziphumeleli kunalokho kugcina kuboshwe abantu. Izenzo zikaPhindisiwe zokungathembeki emendweni wakhe zagcina zimfake ezinkingeni eziningi wagcina ngokuboshwa kanti noNkululeko naye wagcina ngokuboshwa ngenxa yamaqhinga akhe(2) okufuna ukuqola uPhindisiwe abhuntshe. √

7.6 UPhindisiwe unquma ukungathembeki emshadweni wakhe ngokuba nesoka elinguNkululeko wagcina ethola uZiphozonke.√ UPhindisiwe akafuni ukutshela uThamsanqa ngezinkinga abhekene nazo kuphela umthela ngezinyembezi.√ UPhindisiwe uphindela kubo ngaphandle kwemvume. √ UPhindisiwe udelela uThamsanqa ehlangene nomama wakhe uma uThamsanqa ethi uzomlanda.√
(Okuthathu kwalokhu) (3)

7.7 Isigameko esifihlelwe uThamsanqa esokuthi Isitifiketi somshado phakathi kukaPhindisiwe noNkululeko kwakuyisitifiketi mbumbulu√ esasenziwe ngabangani bakhe behlangene nochwepheshe.√ UThamsanqa udidekile ukuthi njengoba ashada noPhindisiwe nje kanti wayeseke washada yini ngaphambili.√ (3)

7.8 Yebo, kumele umuntu axolelwe emaphutheni awenzile ukuze kube nokuthula nokuzwana.√ UThamsanqa njengomyeni kaPhindisiwe abashada benza izifungo zokuthi bayohlukaniswa ngukufa kwakumele asamukele isixoliso sikaPhindisiwe.√

NOMA

Cha, kwakungamele ngoba uPhindisiwe wayesemenze isilima isikhathi eside wabukisa ngaye emphakathini. √ Ngesikhathi emncenga ukuba akhulume iqiniso ngokumphethe kabi akazange alikhulume iqiniso kunalokho waqhubeka nobugebengu obuhleliwe
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka)

(2)

7.9 Ngiyavumelana ngoba izigameko zilandelana ngokushesha okukhulu okungacishe kube yizinsuku noma inyanga okuyisikhathi esifushane.√ UNkululeko uphoqa uPhindisiwe ukuba amkhokhele imali ngenxa yokumthwalela icala lakhe.√ Uhlasela abazali bakaThamsanqa esizwa ngabangani bakhe banquma ukwenza ugibe ukuze bathole imali kuPhindisiwe ngamaqhinga. Amaqhinga akhe awaphumeleli ugcina eboshiwe
kanye naye uPhindisiwe ngokuzama ukuqola ibhange. √ (3)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isikhathi samanje√ ngoba izigameko ezinobugebengu zibikwa emaphoyiseni njengoba nodaba lokuhlaselwa kukaThamsanqa efuna uZiphozonke benquma ukulubika emaphoyiseni.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka) (2)

[25]

UMSEBENZI WESI - 8

UKUHLAZIYA UMBUZO OMFUSHANE

- Lena imibuzo esuselwa esiqeshini ozobe usinikiwe. Kungaba isiqephu esisodwa noma ezimbili.
- Uma sisodwa ubude baso bungaba amagama angama-200 ukuya kumagama angama-350.
- Uma zimbili, ubude bazo bungaba amagama angaba yi-175 isiqephu ngasinye.
- Imibuzo iyehlukana ngokwamazinga okuhlakanipha okungaba imibuzo esobala nelula, ecabangisayo, nehlahiyayo nehlohlolisayo kanye nencomayo.
- Isamba samamaki esewonke ombuzo omfushane siba ama-25.
- La mamaki ehluhana kanje ngokwamazinga emibuzo:
 - ✓ Esobala / elula – amamaki ali-10.
 - ✓ Ephakathi / endimeni – amamaki ali-10.
 - ✓ Esezingeni eliphezulu - amamaki ama-5.

Nasi isibonelo sombuzo omfishane

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

ISIQESHANA SESI - 8

MATHONSI:	<p><i>(Ekhwehlela.)</i> Uqinisile umama wakho ndodana. Usindwe yizinyawo njengoba bengingasakwazi ukuyibamba le nsizwa. Bengilokhu ngigqolozele emnyango ngithi uyangena lutho. Akonakele lutho-ke ndodana ngoba mhlawumbe kwenzekela kahle ningatholani lapha hleze bekuyosuka uthuli lwezichwe.</p> <p><i>(Ehlahle amehlo.)</i> Insizwa yakuphi leyo?</p>
THAMSANQA:	Yehlisa umoya ndodana. Luselude ukhalo. Uyothi lapho udundubala lesi sisekeseke sentaba
MATHONSI:	uyobe usuvovekile uma uthatha izinto nagamawala.
THAMSANQA:	Cha ngiphuthume baba kanti kwenzekani kanti?
MATHONSI:	<p>Ake ngibuze ngale ndlela ndodana, ngiyazi kungumbuzo oxakayo futhi ongavusa uhlevane kepha-ke kayikho indlela engingaluqala ngayo lolu daba. Okwesibili usuyindoda manje. Kayikho indoda eyake yakhela enye umuzi. Ngokusho kanjena ngiqonde ukuthi kungesize ngalutho ukuletha uqhekeko nengxabano emzini wakho.</p> <p>Ngixolele ngokubuza ngale ndlela ndodana. Umethemba kangakanani umkakho? <i>(Ajolozele ezinhlamvini zamehlo.)</i></p>
THAMSANQA:	<p><i>(Ebukeka edidekile yilo mbuzo kayise kepha aqunge isibindi awuphendule.)</i></p> <p>Ngumbuzo onzima kakhulu lona baba kepha ngingawuphendula ngale ndlela, bengingemthathe uPhindisiwe abe ngumkami uma bengingamethembi futhi ngingamthandi.</p>
MATHONSI:	Uyakuthanda ngokweqiniso yena, akukho enigodlelana khona? Ngingeqiniseke
THAMSANQA:	<p>ngalokho baba nawe uyazi ukuthi umuntu unesifuba sakhe esaziwa nguyena yedwa angeke asichathazele omunye umuntu. Ngifunga ngiyagomela ukuthi okuningi siye sihlale phansi sibonisane ngakho sigcine sifinyelela esivumelwaneni. Ngokwazi kwami akukho engingathi ungifihlele induku emqubeni ngakho.</p> <p>Ungadinwa ndodana. Lo mbuzo kawulona iphutha kepha kukhona lapho ngiqonde khona.</p>
MATHONSI:	<p><i>(Engena egulukudela ingathi kukhona okumjoja ngemuva.)</i> Uyabona ndodana impilo yokuganana inzima kakhulu. Kuyinto enzima ukwethembeka kepha kufanele</p>
MAMHLONGO:	<p>kungayekwa nje ngoba izimfihlo lezi ziyinkinga kungakho kuye kuthiwe ayikho impunga yehlathi ngoba lapho imfumbe ibhoboka khona buchitheka bugayiwe.</p> <p>Akuyona-ke into enhle ukulokhu kusolwa abalele ukuthi babhedisa izinto ngabomu</p>

kanti akubona abazibhedisayo bafela nje ukuthi babizwe ngezithutha.

MATHONSI: Nami nginezezela emkhondweni kamama ndodana. Ngingalokhu ngigudla iguma Thamsanqa, kukhona okwaziyo ngempilo kamakoti ngaphambi kokuba nishade?

Kuningi kakhulu engikwaziyo mama nawe baba.

THAMSANQA: Wakutshela ukuthi unezingane azishiya ekhaya? (*Athi ukudideka kancane.*) Yebo,

MATHONSI: ngiyazazi.

MAMHLONGO: *Enikina ikhanda.*) Ngiyakweshwama—ke lokhu baba. **Ndodana kanti akuthi lapho kulotsholwa ithokazi libelethiswe nenkonyane lalo?**

[Inkundla Yesi-2, IsigcawuSesi-3]

IMIBUZO ESOBALA / ELULA

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lokuqala nelesibili lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lwemibuzo zitholakala esiqeshini osinikeziwe.
- QAPHELA ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- Izimpendulo zale mibuzo ngokuvama zitholakala ngasekuqaleni kwesiqephu.
- **QAPHELA amagama asetshenziwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba ilawa: Tomula, nikeza, xoxa, yini, kuphi, ngubani, gagula okungaba abantu, indawo noma okunye, chaza, ukubona isizathu, fingqa, qhathanisa okufanayo nokungafani, hlela imibono noma xoxa kafushane, qoqela ndawonye okunezimpawu ezifanayo, hlanganisa okufanayo.**

- 8.1 Nikeza isizathu sokuba isimo senhlalo singabi sihle ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 8.2 Nikeza ithoni etholakala enkulumweni yomlingiswa onguMathonsi kulesi siqeshana bese unika isizathu sempendulo yakho. (2)
- 8.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi imibuzo ebuzwa nguMathonsi kuThamsanqa kulesi siqeshana iyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 8.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU iphupho likaMaMhlongo. (3)

IMIBUZO EPHAKATHI / ESENDIMENI

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lesithathu lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lo mbuzo azitholakali ngokuphelele esiqeshini osinikeziwe. Esiqeshini kuvela ingxenye bese wena ucabangela impendulo ephelele.
- QAPHELA ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- QAPHELA amagama asetshenzisiwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba yilawa: Chaza (izimpendulo kazitholakali esiqeshini), ucabanga, qhathanisa, iyini imbanga, iyini inhloso, ingabe, uyini umthelela, yini umphumela, humusha, yamanisa, imiphi imiqondo ekufikelayo.

- 8.5 Yini inhloso yombhali yokwethula umlingiswa onguNkumbulo kulo mdlalo? (2)
- 8.6 Qhathanisa izenzo zomlingiswa onguMakhanga unina kaPhindisiwe kanye nomlingiswa onguMaMhlongo unina kaThamsanqa. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 8.7 Chaza okushiwo ngamagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana. (2)
- 8.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaThamsanqa ukube wamxolela uPhindisiwe? (3)

IMIBUZO ESEZINGENI ELIPHEZULU

- Lolu hlobo lwemibuzo lungena ezingeni lesine nelesihlanu lokushuba kwemibuzo.
- Izimpendulo zalolu hlobo lombuzo azitholakali esiqeshini osinikeziwe kodwa kubhekwa ukuhunyushwa, ukuhlaziya, ukuhlolisa nokunconywa kwekhono lombhali wendaba.
- Impendulo mayigxile kumagugu omthetho sisekelo wezwe lapho esekela impendulo.
- QAPHELA ukuthi amamaki anikeziwe embuzweni asho ubungako bempendulo elindelekile.
- QAPHELA amagama asetshenzisiwe lapho kubuzwa imibuzo. Lawa magama kungaba: Hlukanisa amaqiniso embonweni, ukuhlaziya, Ukuhlolisa, ngabe izenzo zomlingiswa zifanelekile yini, kuhle noma kubi bese wesekele impendulo yakho, phawula ngokuhlolisa, uyavumelana noma awuvumelani.

- 8.9 Ngabe izenzo somlingiswa onguPhindisiwe sokuthandana noNkululeko siyamukeleka kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.10 Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU ngempumelelo yokwethulwa kwesingeniso kulo mdlalo.(3)

[25]

IZIMPENDULO EZILINDELEKILE

- 8.1 Isizathu ukuthi uMathonsi noMaMhlongo abaphathekile kahle ngenxa yokufika kwensizwa abangayazi njengoba bechazela uThamsanqa osebonakala kumcasula ukuzwa ngale nsizwa.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu senhlalo esingesihle.] (2)
- 8.2 Inkulumo kaMathonsi iveza ithoni yothando njengoba elokhu ebiza uThamsanqa ngendodana yakhe njalo uma ekhuluma naye.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile ithoni nokusekela ngokwesiqeshana] (2)
- 8.3 Emuva kwemibuzo ebibuzwa nguMathonsi, ebuza uThamsanqa ngoPhindisiwe ukuthi umazi kangakanani. UThamsanqa uthola ukuthi uPhindisiwe ubethandana noNkululeko engazi. UMathonsi noMaMhlongo bathola ukuthi uPhindisiwe unezingane abangazazi. UPhindisiwe uhlangana noNkululeko nabangani bakhe ukwenza itulo lokubulala uThamsanqa kanye nokubamba inkunzi ebhange i-Forum.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekhombisile ukuthi indikimba ithuthuke kanjani.] (3)
- 8.4 UMaMhlongo uphuphe uhlanya luqukula uZiphozonke ngoba luthi uyingane yalo. Lumthathe lwamphonsa ehlozini elikhulu elengame isiziba sikamaminzela. UMaMhlongo walulandela uhlanya ethwele izandla ekhanda kwase kuqubula igovu.
[Nikeza amamaki amathathu uma elivezile iphupho wasekela.] (3)
- 8.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi ungabomethemba umngani njengoba uNkumbulo wehluleka ukuxoxela uThamsanqa ngezenzo zikaPhindisiwe noNkululeko.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhlosowasekela] (2)
- 8.6 Banezenzo ezingefani mayelana nokukhuliswa kwezingane. UMaKhangela akanalo iqiniso, ufihlela abakwaMathonsi ngenkathi bezolobola akabazisi ukuthi uPhindisiwe unezingane ezimbili azitholele ekhaya zikaPhindisiwe kanti uMaMhlongo unothando lweqiniso uma uThamsanqa enezinkinga ezivelayo uyambiza, ambonise yize esenomuzi wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa.] (3)
- 8.7 La magama agqamisa ukuthi izimfihlo zihamba zivele njengoba uMaMhlongo ebuza kuThamsanqa ukuthi kwakungamele yini izingane zikaPhindisiwe eze nazo uma ezogana kwaMathonsi.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imbangela wasekela.] (2)
- 8.8 Wawuzoba muhle, wayezoqhubeka bahlalisane kahle nomndeni wakhe njengoba wayemthanda ngokweqiniso uPhindisiwe. Wayezogcina isethembiso sabo somshado sokwehlukaniswa ngukufa. Babengeke baphinde babe nezimfihlo.

NOMA

Wawuzoba mubi, wayengahlala ngokungamthembi uPhindisiwe engazi ukuthi uzoqhubeka yini abe nezimfihlo njengoba wayemcelile ukuba kungabi bikho ukufihlelana. Wayengacina engasamthandi kahle uma ecabanga izimfihlo nobugebengu abenzile. Agcine ehlukanisile naye.

(3)

[Nikeza amamaki amathathu uma eveze imiphumela emithathu wasekela.]

8.9 Asamukelekile ngoba baningi abantu besifazane okuthi ngenxa yokuthanda izinto bagcine sebethandana nabantu emaceleni bebeshadile njengoba uPhindisiwe wanquma ukuzishelela kuNkululeko ukuze amenzele izinto ngesikhathi uThamsanqa esahambe ngomsebenzi.

(2)

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wasekela.]

8.10 Sethulelwa isingeniso kahle, ummeleli onguPhindisiwe ebhekene nenkinga yemfihlo anayo noNkululeko njengoba ethi ufuna babuyelane. Isizinda senkathi yamanje nendawo yasemadolobheni eGoli kanye nesimo senhlalo esishubile ngenxa yokubelesela kukaNkululeko eshaya izingcingo emsebenzini kaPhindisiwe eBhange i-Forum emtshela ukuthi uzodalula izimfihlo abanazo naye.

(3)

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesethulo wasekela.]

[25]

LO MSEBENZI OLANDELAYO UMISELWE UKUBA UMFUNDI AZIVIVINYE NGAWO. UMSEBENZI WESI - 9

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA SESI - 9

(Kusemzini wakwaMathonsi. Usokhaya uziphumulele nje elawunji ulokhu ebuka iwashi lapha esihlakaleni. Phela ulindele uThamsanqa njengesivumelwano sabo. Ezwe ukungqongqoza emnyango. Aphuthume ayovula.)

- MATHONSI: *(Ngokwethuka)* Mamo, nansi imihlola we bantu. Nguwe lona futhi mfana uzochwensa nanamuhla? *(Usawubambile umnyango kepha uNkululeko usemi ngaphandle.)*
- NKULULEKO: Cha kangizile ukuzochwensa baba. Bengicela nje ungivulele ngoba kukhulu engiza nakho. *(Enxenxa uMathonsi ukuthi amvulele emnyango.)*
- MATHONSI: *(Intukuthelo ibuye ngamandla. Abone kahle ukuthi uma lo mfana ake wabheda njengakuqala uyomudla luhlaza. Abuye akhumbule ukuthi kufanele le nkomazi ayisenge iludedele lonke ubisi. Kungcono ngoba noThamsanqa usendleleni manje adede emnyango ukuze uNkululeko angene.)* Ngena! Ushaye ngezinqamulelayo ungangichitheli isikhathi.
- NKULULEKO: *(Esehlezi phansi kusofa.)* Ngiyabonga baba. Ukugcina kwami kulo musingathembisa ukuthi ngiyabuya. Sengibuyile-ke njengesithembiso engasenza. Namuhla ngiphethe ubufakazi balokho engashiya ngikubekile phambili. *(Athule abuke uMathonsi olokhu emgqolozele ngamehlo asebvomu tebhu.)*
- MATHONSI: *(Akiphe ipheshana esikhwameni sebhintshi.)* Nabu-ke ubufakazi engikhuluma ngabo baba uMathonsi.
- NKULULEKO: *(Ememeza)* We MaMhlongo sondela ngapha mkami isingene futhi. Namuhla kayihlomile kukhala ihlanga.
- MATHONSI: *(Engena elawunji ethola uNkululeko ehlezi kusofa. Ambuke ngeso elimnjonjo noNkululeko abone ukuthi lihlohlomile.)* Kwenzenjani namuhla baba?
- MATHONSI: *(Emnikeza ipheshana.)* Funda lapha mntanami.
- MATHONSI: *(Ebukisisa leli pheshana aliphethe.)* Yini yona lena? Hawu webantu ngibonani ngamehlo ami? Yincwadi yomshado lena baba.
- MAMHLONGO: *(Emangele.)* Ngakuzwa ubabaza? Ngikubizele ukuthi uzofunda le ncwadi hhayi lokhu osukukhuluma wena.

- MATHONSI: Hhawu! Kodwa ngasho baba ukuthi lo nkosikazi wakwaMaKhunga uchakijane. Kukhulu asigodlele khona. *(Enikina ikhanda eyohlala eduze komyeni wakhe.)* Baba yincwadi yomshado lena. Ngempela unelungelo lo mfana ukuzofuna umkakhe ngoba nabu ubufakazi obuqanda ikhanda.
- MAMHLONGO
- MATHONSI: MaMhlongo noma ngingayile esikolweni futhi ngiphuma ezindaweni ezisemakhaya kodwa ukhumbule ukuthi kuseGoli lapha, bakhona ochakijana abalala bengalele befuna indlela yokuziphilisa ngegazi labanye abantu. Wazi ngani ukuthi lo mfana ulithengile leli phepha lomshado? Wazi ngani ukuthi kukhona imfihlo ayaziyo ngenkosikazi kaThamsanqa afuna ukusebenzisa ithuba elinjengaleli ukuthola imali? Ungakhohlwa ukuthi umakoti usebenza ebhange esidlekeni semali efunwa ngumuntu wonke, ubhedu lubangwayo phela. *(Alithathe alibukisise naye ingathi kukhona amehlo akucoshayo kanti lutho ubona izimvemvane nje.)*
- MATHONSI:

Phendula imibuzo elandelayo

- 3.1 Ivezani ithoni etholakala kulesi siqeshana? Sekela ubhekise kumlingiswa onguMathonsi. (2)
- 3.2 Chaza isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana (2)
- 3.3 Beka ngokufingqiwe izezo zikaNkululeko ezibonisa ukuthi ungumlingiswa ongathembekile kuPhindisiwe (3)
- 3.4 Chaza kafushane izigameko ezazifihlelwe umlingiswa onguThamsanqa ezaholela ekuhambeni kukaPhindisiwe emzini wakhe. (3)
- 3.5 Ucabanga ukuthi lwalungaba njani udweshu phakathi kukaThamsanqa noMaKhangela ukube uThamsanqa akazange anqume ukuhamba? Sekela impendulo yakho. (3)
- 3.6 Iyini inhloso yombhali yokuveza inkulumbo kaNkululeko yokujejeza emuva ngenkathi ephuma ekamelweni lakwaMakhunga ekhuluma noPhindisiwe? (3)
- 3.7 Chaza inhloso yokuba khona komlingiswa ongumuntu wokuqala kulo mdlalo ngenkathi kugqezwa ebhange (3)
- 3.8 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo (2)
- 3.9 Uyavumelana nombono wokuthi umlingiswa onguPhindisiwe uvezwe njengomlingiswa okwaziyo ukuzisola? Phawula ngokwenzeka kupholavuthondaba (2)
- 3.10 Uyazwelana nomlingiswa onguPhindisiwe mayelana nokwenzeka kuye kuvuthondaba? Sekela impendulo yakho uveze ukuthi wena ungenzenjani uma ungabhekana nalezi simo. (3)

UMSEBENZI we – 10

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imbuzo elandelayo.

ISIQESHANA se - 10

MAMHLONGO *Ebukisisa leli pheshana aliphethe.)* Yini yona lena? Hhawu we bantu ngibonani ngamehlo ami? Yincwadi yomshado lena baba.

MATHONSI *(Emangele)* Ngakuzwa ubabaza? Ngikubizele ukuthi uzofunda le ncwadi hhayi lokhu osukukhuluma wena.

MAHLONGO
Hhawu! Kodwa ngasho baba ukuthi lo nkosikazi wakwaMakhunga wuchakijana. Kukhulu asigodlele khona. *(Enikina ikhanda eyohlala eduze komyeni wakhe.)* Baba yincwadi yomshado lena. Ngempela unelungelo lo mfana ukuzofuna umkakhe ngoba phela nabu ubufakazi obuqanda ikhanda.

MATHONSI
MaMhlongo noma ngingayile esikoleni futhi ngiphuma ezindaweni ezisemakhaya kodwa ukhumbule ukuthi kuseGoli lapha, bakhona ochakijana abalala bengalele befuna indlela yokuziphilisa ngegazi labanye abantu. Wazi ngani ukuthi lo mfana ulithengile leli phepha lo mshado? Wazi ngani ukuthi kukhona imfihlo ayaziyo ngenkosikazi kaThamsanqa afuna ukusebenzisa ithuba elinjengaleli ukuthola imali? Ungakhohlwa ukuthi umakoti usebenza ebhange esidlekeni semali efunwa ngumuntu wonke, ubhedu lubangwayo phela. *(Alithathe alibukisise naye ingathi kukhona amehlo akucoshayo kanti lutho ubona izimvemvane nje)*

NKULULEKO *(Ahleke kancane emmangaliswa ubuchopho obuklasile balo muntu okade embukela phansi. Kungamthusi kodwa ngoba ufihle induku emqubeni.)* Ngeke ngisukele amanga baba nawe mama. Kuningi okusazonethusa ngalolu daba.

MAMHLONGO *(Kubuye akuzwe izolo.)* Khuluma iqiniso wena mfana. Udingani ngempela kulo mndeni ngoba uyasibona ukuthi sikhala singashayiwe siyazihluphekela kasiyo imali esingakunika yona?

NKULULEKO: *(Ehlise umoya)* Ngiza ngalo udaba engaluchaza ngosuku ngifika kulo muzi. *(Kusenjalo aphuthaze esikhwamenisebhulukweakhiphe isithombe esidala esisikwe ephaphandabeni eliphuma kanye ngesonto "Ifa Lamehlo", asinike uMathonsi.)*

MATHONSI Kuyiqiniso lelo baba. Ngingesuke nje ngihubhuze aluhlaza cwe. Nabu obunye ubufakazi balolu daba engize ngalo.

Ngiyakweshwama-ke lokhu. Mehlo ami kawungukhohlisi kodwa? (*Akhiphe izibuko ecikica amehlo aphinde azibuyisele futhi. Ajuluke abe manzi te lapho ebona umakoti wakwakhe eqabulana nenye indoda kungeyona indodana yakhe. Asibukisise, nguye nezinqotho uNkululeko. Usuku lomshado. Kusesontweni. Nangu nomfundisi owabahlanganisayo emi eduze kuvele elomhlathi. **Athathe leli pheshana alintshinge laphaya kuMaMhlongo.***)Awungincinze indlebe mfana

NKULULEKO kwenzekani? (*Esho ebuyela phansi ethatha izandla zombili ezibeka phezu kwamadolo.*)

MATHONSI

Egqolozele uMathonsi ngqo emehlweni.) UPhindisiwe baba uhambe eminyakeni emihlanu eyadlula. Wahamba sixabene akazange esabuya emzini wethu.

NKULULEKO

Mfana ungitshela ukuthi umkakho wahamba eminyakeni emihlanu eyadlula? Yiziphi izaba owazenza ukuthi umlandele kwabo? Yimihlola yini yona lena?

(Ngomoya ophansi) Nganginethemba ukuthi umsinga uyobohla. Ngabheka emnyango ngaze ngaphuma amehlo kanti ngilinde umnyama ongenafu. Ngithe sengizizwa ngabasiki bebunda kwathiwa usehlala ePhumula uganile.

Phendula imibuzo elandelayo

- 10.1 Shono izinto EZINTATHU ezisethulela isizinda salo mdlalo kulesi siqeshana (3)
- 10.2 Gagula OKUBILI okwakucatshangwa nguMathonsi mayelana nephepha lomshado okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana. (2)
- 10.3 Nikeza isiqeshana esingenhla indikimba esiyifanele bese uyesekele kafushane. (2)
- 10.4 Yimuphi umoya oqukethwe umusho ogqamile omayelana nokwenzeka enkundleni yokudlalela? Sekela impendulo yakho. (2)
- 10.5 Chaza kafushane umehluko wethoni yokumangala phakathi kwenkulumo kaMaMhlongo nekaMathonsi esingenisweni salesi siqeshana. (3)
- 10.6 Ngabe amazwi kaNkululeko adwetshelwe kulesi siqeshana amveza njengomlingiswa onjani uma uwayamanisa nenkulumo yoMshushisi ngosuku lwecala enkantolo kaMantshi eZibuseni? (2)
- 10.7 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela ukube uThamsanqa noNkululeko babonana kwaMakhunga ngenkathi uThamsanqa eyolanda izingane zakhe kanti uNkululeko usekamelweni elincane? (2)
- 10.8 Yini inhloso yombhali ngesigameko sephupho likaMaMhlongo elamhlasela kwaze kwaba kabili ngobusuku obubodwa? (2)
- 10.9 Qhathanisa indlela uNkululeko aphuma ngayo emzini kaMathonsi mhla efike okokuqala nangomhla efike okwesibili emveni kwenkulumo-mpendulwano aba nayo nabazali bakaThamsanqa. (2)
- 10.10 Uyavumelana nokuthi uPhindisiwe wayenolwazi lokuthi iProjekthi athembisa ukusiza uNkululeko kuyona kwakungeyokuyogqokeza ibhange? Sekela impendulo yakho. (2)
- 10.11 Xoxa ngokuphumelela kwamasu ombhali ekuvezeni umlingiswa onguKholekile kulo mdlalo. (3)

[25]

The Mind the Gap study guide series

This publication is not for sale.

© Copyright Department of Basic Education
www.education.gov.za

Call Centre 0800 202 993

MTG IsiZulu Grade 12 HL UMDLALO- ISBN 978-1-4315-3379-4



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA